


# UKWENELISEKA

## BESE UYASHISEKELA

 Asikhothamise amakhanda ethu ngaphambi nje kokuba siqhubekele phambili. Kuqhube lokho, Dadewethu Anna Jeanne, uma uthanda, nomfowethu. Kwehla egqumeni kufika iSihambi kubantu ngolunye usuku. Sabheka phansi esigcawini kwi-iqembu lamadoda Esasiwagcobe ukuba akhiphe amademoni, ukuphulukisa abagulayo, futhi Sabathola behluliwe odabeni lwesithuthwane.

Mhlasimbe uJohane wayethi, “Nansi indlela esikwenze ngayo ngale eKapernawume.”

Omunye wathi, “Lena yindlela esikwenze ngayo kwenye indawo.” Kodwa yayingekho imiphumela.

<sup>2</sup> Futhi uyise womntwana wabheka, futhi wabona Othize eza. Wagijima, wawa phansi. Wathi, “Nkosi, ngilethe umntanami kubafundi baKho, kepha behlulekile ukumelapha.” Wathi, “Ingabe kukhona Ongamenzela khona na?”

Wathi, “Ngingakwazi, uma ukholwa.” Lowo Ofanayo ubenathi. Unathi kulokhu ukusa. “Ngingakwazi, uma ukholwa.” A-hha.

<sup>3</sup> UBaba wethu waseZulwini, ngobungcwele balenkonz, sazi ukuthi uNkulunkulu esimkhonzayo akasona i-isithombe, njengalokhu abahedeni bebeyothatha isithombe, futhi bawe ngobuso phambi kwaso, nakunkulunkulu ongowokuzicabangela, futhi akholwe ukuthi i-iphimbo elingokokuzicabangela liza kubo, waze wazithwebula wangena esithombeni.

<sup>4</sup> Kuyinto emangaza kanjani ukuba udeveli enze into enjalo, kanti eqinisweni, uNkulunkulu unguMoya, ukuthi Akangeni esithombeni, kodwa Ungena ezidalweni ezingabantu eziphilayo futhi ukhuluma amaZwi aKhe uqobo ngomuntu. Futhi thina siyimifanekiso yaKhe ephilayo, sidalwe ngokomfanekiso waKhe, nangomsebenzi waKhe, nangenkazimulo yaKhe.

<sup>5</sup> Futhi sibona abagulayo nabahluphekileyo abasizungezile. Khona-ke, Nkosi, si-sizizwa sithambisile emsebenzini. Kukhona into ethize ndawo ndawo esiyidingayo, Nkosi. Siphe khona kulokhu ukusa, Ungeke yini, Baba na? Simile, zizwa lo mfowethu onomusa ekhuluma ngaleyonto ababenayo eminyakeni edlule ku-kulowo mhlangotho waseMgwaqeni u-Azusa. Wayeyindoda encane kunawo wonke lapho, efuna ukugaqqa ngaphansi kwebhentshi.

<sup>6</sup> Nkulunkulu, ngifisa sengathi bengingakubona lokho kwenzeka futhi, lapho wonke umuntu, futhi abantu benga... bangabi bakhulu, kodwa babe bancane, bazithobe. Nkulunkulu, uthumele kithi futhi ezinsukwini zethu. Sinokushukunyiswa, nobulungu, kanjalonjalo. Kodwa thina—thina sifuna uJesu. Sifuna Wena, uMoya esaziyo ukuthi ulapha ubuthene nathi kulokhu ukusa. Sifuna Wena ngaphakathi kwethu, Nkosi. Sizifuna singenalutho. Sithulule, Nkosi, futhi usigwalise ngoBukhona baKho. Thobisa izinhliziyo zethu, futhi sizoKudumisa.

<sup>7</sup> Manje, sibuthene, Baba, kube inhlanganyelo ngaseZwini. Wena uyiZwi. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzozahlukanisa Wena uqobo phakathi kwethu kulokhu ukusa futhi usenze sibe-munye enhliziyweni, munye enjongweni. Ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu, sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

<sup>8</sup> Kwesinye isikhathi lapho ngizwa ubufakazi obunjalo njengoba ngibe nehlanhla yokulalela cishe imizuzu emihlanu kweyalokhu ukusa, ngi—ngifisa sengathi bengingavele ngitshela lowo mfowethu ukuba eze abuyele lapha, futhi mangihlale nje lapho futhi ngilalele lokho. Niyabo? Ukhuluma ngayo impela into efanayo engifuna ukuyibona yenzeka futhi, engiyifunayo, e-hhe. Indoda ikhuluma nje lokho okwakuyikho, futhi ngiyazama, ngithi, “Asiphinde sibe nakho.” Manje, lokho nje—lokho nje yikho.

<sup>9</sup> Awu, njengoba umfowethu eshilo, akukho-muntu ongakuletha: kuthatha uNkulunkulu. Futhi ngeke sikwenze kaze kube yilapho uNkulunkulu esenzela khona. Kunjalo. Kuthatha uNkulunkulu. Kukhona zonke izikole, nabo bonke abefundisi, nakho konke okwezemfundo kwethu, nawo onke amahlelo ethu, futhi akunandaba ukuthi sixhawulane kangakanani futhi sazama ukungena ebunyeni, futhi lokho—lokho bekuyoba kuhle, lokho bekuyoba kahle, kodwa kuthatha uNkulunkulu ukuletha into ethize enjalo. Lokho kodwa. UNkulunkulu uyakuletha.

<sup>10</sup> Ngiyafuna uku...Lona nguSonto sikole, futhi, o, uSonto sikole ngokuvamile angishumayeli ngaphezu kwamahora amathathu noma amane, futhi ngakho mina...Sinesikhathi esiyinqwaba kulokhu ukusa, futhi ngi—bengingathanda ukusho nje ukuthi bengiqaphela abanye abahlobo basetabernakele ezansi lapha. Angizange ngibabone, futhi mina, noma, ukukhuluma nabo kodwa ngiqala manje kulokhu ukusa, khona kuwuhlobo oluhlukile lokukhanya, hhayi ukukhanya okwenziwe, ukukhanya okuvela elangeni, ngibona abanye abangani bami engi, okokuqala ngqa ngibabona, ngibona uMfowethu Welch Evans nomkakhe behlezi emuva lapho, nomndeni, ovela eTifton, eGeorgia. Ngaso sonke isikhathi

lapho ngikhuluma etabernakele lowo muntu ushayela uhambo lwamamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu, yena nomndeni wakhe, njalo ngeSonto ukuzwa iVangeli. Mfowethu Welch, ngifisa nje wena noDadewethu Evans, umndeni lapho, ningasukuma umzuzu nje. Amamayela angamakhulu ayishumi nanhlanu . . . Ngiyabonga.

<sup>11</sup> Ngikhumbula kahle impela okokuqala ngqa ngibona uMfowethu Evans. UMfowethu uMercier wathi, “Kukhona indoda efuna ukuhlangana nawe ekuseni.” NgangisePhiladelphia futhi . . . lapho kwenzeka, futhi lapho ngivuka embhedeni ngabona indoda. Futhi ungumuntu othanda imidlalo, uthanda ukudoba. Futhi ngabona enza ukwephula umthetho. Ngakho ekuseni lapho ngihlangana naye ngatshela uMeda ngakho.

Wathi, “Ubungeke usho lokho kulowo muntu oyisihambi.”

Ngathi, “Ngizothola ukuthi uyini kuqala.”

<sup>12</sup> Ngakho-ke, emva kokukhuluma naye, ngibona ukuthi wayengumfo wangempela nje, ngathi, “Awusho, muva nje ubusohambweni lokudoba, njengasemfudlaneni odabala ezihlahleni. Ubunesaka eligcwele izinhlanzi, futhi kwadingeka uzifihle kathathu, uziqhelise kumqaphi wezilwane.” He.

Ebheka, wathi, “Yebo, mnumzane. Ngi—ngi . . .” Yini—yini azoy- . . . zibuza ukuthi ngangizothini.

Ngathi, “Kunesicelo nje esisodwa kuphela: Ungangiyisa ngiyodoba emuva lapho na?”

<sup>13</sup> Umfowabo wayelunywe inyoka emuva lapho, okuyinyoka enesihlungu esibi enomsila okhehlelayo yasesihlabathini. Angazi noma banazo lapha eLouisiana noma qha. Futhi iyinto encane enobungozi. Nalowomfana, elaliswe esibhedlela, akasuye umKristu, osemncane, osemncane kunoMfowethu Evans lapha, futhi kwadingeka afakwe insimbi emlenzeni wakhe—wayehamba ngesongo, izinyanga.

<sup>14</sup> Futhi ngakho, emuva ngqo endaweni efanayo, niyazi, iNkosi yathi ukungitshela, buyela lapho, futhi ngi—ngabamba izinhlanzi amabhasi ezinhle kunazo zonke (O, he!), abafu abakhulu kakhulu. Futhi nganginenye enkulu ehhukekile, ngangizama ukuyikhipha (ngesicupho sokudoba esisanyosi esinamahuku, niyazi), futhi ngakho, futhi yayinkulu *kanjako*, umlomo wayo uthi awube *kanjalo*, nalowo mfanekiso omncane osanyosi phakathi lapho. Yayisukuma iqonde ngqo ime ngomsila wayo (nina badobi niyazi), futhi yayiyiphendula leyonto. Ufanele nje uyibambe. Uma ungakwenzi, uyayikhipha, futhi kuthi ukuba lukhuni. Yayithukuthele, futhi ngayijikijela ngayiphindisela emuva, futhi ngayithola kathathu noma kane. Yayizoba yinhlanzi yeshumi nambili, ishumi nane, amaphawondi.

15 Ngakho uMfowethu Evans ungubonile futhi...O, ungumfana wasemaphandleni omuhle nje, niyazi; wayegoqe imilenze yebhulukwe, ngoba wayesemanzi. Futhi ngakho wathi, “Kumelwe ukuba uBig Jim omdala.”

Ngathi, “Impela kufanele.” Ngakho ngaphinde ngayiphonsa, futhi ngi—ngathola eyodwa.

Wathi, “Yiyo leyo.”

Ngathi, “Qhabo, manje akusiyo ngempela.” Kwakuyinhlanzi ibhasi enhle.

16 Futhi sasiphethe amavolovolo amancane ezinqulwini zethu, ngoba kwakufanele ulwe indlela yakho unqamule ezingwenyeni ne—nemilokothini ukungena lapho, ixhaphozi nje, amahektha ayizinkulungwane eziyishumi nesikhombisa kulelipulazi elikhulu. Futhi kwaba...Kwadlula usinga olunesicupho sezinhlanzi, nalokho...eminyakeni edlule, futhi yilapho esasidoba khona.

17 Futhi ngakho, kwakudingeka sigxambuze emanzini nayo yonke into ukuze singene lapho, nezingwenya, izinyoka, ebulwembini nje. Futhi ngakho, sasithatha isigxobo, futhi sijikeleze. Uma sibona i—inyoka enesihlungu esibi enomsila okhehlelayo yasesihlabathini, vele nje uyidubule, bese-ke uhamba nje emanzini, niyabo, uqhubeke nokuhamba, ngoba iyobe ilele phezu komnduze, noma okuthize, izisongile, ilungele ukugadla.

18 Ngakho uMfowethu Welch wathi, “Ngizoyicosha, inhlanzi yakho.” Futhi wagxumela ekhwanini elincane namacembe antantayo lapho. Futhi lapho ekwenzile, inyoka enesihlungu esibi enomsila okhehlelayo yasesihlabathini yambamba, cishe nje, o, cishe ingxenye yemayela ukusuka lapho umfowabo ayekuthole khona, elunyiwe.

19 Awu, wagxuma waphuma emanzini lapho enezimbobo ezimbili emlenzeni wakhe, unyawo, ngenhla nje, *kanjalo*, lapho kwakushaye khona amazinyo enyoka. Futhi wathi amathambo akhe ayeba iqhwa kuye.

20 Manje, uma ububonile ubungako bakhe, mkhulu kakhulu kunami. Futhi ngangizofanele ngimtete cishe amamayela amabili emhlane wami, ngimkhiphe lapho. Lokho kwakungaphezu kwamandla kimi. Futhi sasihlezi lapho, yena ekubambile, ezwa ubuhlungu.

Futhi iNkosi yavele yakhuluma kimi, kusho umBhalo: “Bayakunyathela phezu kwamakhanda ezinyoka nawofezela; akukho lutho oluyodelela... balimaze.”

21 Ngathi, “Umzuzu nje, Mfowethu Evans.” Ngabeka isandla sami phezu kwala kulume khona inyoka onyaweni lwakhe. Ngathi, “Baba waseZulwini, sisesimweni esiphuthumayo. Futhi kulotshiwe ukuthi, ‘Uma besh-... baphathe izinyoka,

noma benyathela amakhanda azo, aziyikubalimaza.’ Lokho kwakungokwamakholwa, futhi lo mfowethu uyikholwa. Nami ngiyikholwa. Futhi sicela umusa waKho.”

<sup>22</sup> Wama wathi ukuthi, “Shi, ha!” ukuphefumula nokuzwa ubuhlungu ngendlela ayeyiyo. Futhi ngacabanga ukuthi waye, ngezinhlonipho zomkhuleko nje. Ngathi sengiqedile, wayehleka. Wathi, “Bonke ubuhlungu buhambile.” Wavele wagqoka izicathulo zakhe nje waqhubeka.

<sup>23</sup> Ngehora leshumi nanye nqo ngalobo busuku, babephandle lapho bethatha izithombe lapho sifika endaweni esasihlala kuyo, ihhotela labahamba ngezimoto, sibuya epulazini elikhulu. Umfowabo unesitolo sezinto zokudoba ngalesosikhathi, ngaphesheya kwesitaladi. Awu, babengaleya bethatha izithombe zaloluxhaxha olukhulu lwa—lwalezi zinhlanzi amabhasi anomlomo omkhulukazi. Futhi ngakho wathi . . .

<sup>24</sup> Ngenkathi sisa—sisamile lapho kuqhamuka indaba yokulunywa yinyoka. Umfowabo wathi, “Kuhle ukuba ngokholwayo, kodwa akukuhle ukuba yisiwula.” Wathi—wathi, “Kungcono uye osizweni lezokwelapha khona manje.” Niyabo? ngoba wayenesongo ohlotsheni olufanayo lokulunywa.

<sup>25</sup> Wathi, “Ngilunywe kulokhu ukusa cishe ngehora leshumi nanye. Leli yihora leshumi nanye nqo kulentambama. UNkulunkulu owayengangivikela isikhathi eside kangaka, angangivikela yonke indlela.” Ngakho nakho la ukhona. Niyabo, Usa—Usavikela ekulunyweni yizinyoka. A—hha.

<sup>26</sup> Niyabo, umfowabo oyisoni, umfana okahle, siyamsebenza ukuze simenze abe ngumKristu. Manje, isoni saya esibhedlela, igazi elifanayo, umfana ofanayo, izelamani, saya esibhedlela, salaliswa esibhedlela, isongo elizungeze umlenze waso, sahamba phezu kwalo isikhathi eside. Futhi umKristu, ikholwa lanyathela ngqo phezu kohlobo olufanayo lwenyoka futhi akuzange kumkathaze nakancane. Niyabo? Yebo mnumzane. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Evans.

<sup>27</sup> Ngibona uMfowethu noDadewethu Tom Simpson behlezi emva kwabo ngqo. Khona ngqo emva kwalokho nguMfowethu noDadewethu Fred Sothmann. Bangabantu baseCanada, bayeza nje. UMfowethu noDadewethu Collins. Ngani, nangu uMfowethu noDadewethu Dauch. Futhi lapha . . . Manje, uMfowethu kanye—kanye noDadewethu Dauch uvela enhla e-Ohio. Bebengabangani bami iminyaka emide. Naba abangani bethu abavela ezansi lapha eTennessee, bashayela amane . . . amamayela angamakhulu ayisishiyagalombili njalo uma ngikhuluma, uza emhlanganweni. Konke okuhlangene neTabernakele likaBranham, sukuma nje umzuzu nje, uza nje etabernakele. Ake sibone ukuthi bangaki abasamelwe. ITexas, iLouisiana, iGeorgia, neNorth Carolina, iNew York, i-Ohio . . .

Bavela eMpumalanga naseNtshonalanga;  
Bavela ezweni elikude. (Ngabe kunjalo na?)

<sup>28</sup> Sengigcine ngikuzwile, mfowethu, ucula “Umuhle Kanjani” izolo. Abahlobo abavela ezansi eTennessee, uMfowethu, noma, uDadewethu Ungren, uDadewethu Downing, umfowethu, nomfowethu, ngingane- . . . Myers, uDadewethu Myers, noJoanne, futhi o, o, o he, bonke. Ngiyabathanda.

<sup>29</sup> Futhi niyazi, ngibe nombono esikhathini esingeside esedlule, emavikini ambalwa edlule, ukuthi ngangishumayela ngiselangeni, futhi nganginezithameli ezinkulu. Futhi kuzokwenzeka. Futhi ngangishumayela, futhi izethameli zami zaba i-i—indlu yokukhonzela kabhishobhi ehlathini. Nelanga engangimi kulo lalikhanya phansi ezindaweni eziningi. Nganginezivuthondaba ezimbili okufanele ngizenze, futhi ngangibakhombisa ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, mayelana nemibono, nokuthi uNkulunkulu wayethembisile kanjani, nakho konke. Futhi babethokoza.

<sup>30</sup> Kodwa khona-ke, ngenkathi ngehla ukwenza uvuthondaba lwami lokuqala, kwakungukubatshele ukuthi zonke lezizinto kwakuyiZwi. Futhi lapho sengifika ukuba ngisho lokho, wonke umuntu walamba. Ngishumayela isikhathi eside kabi. Kodwa balamba, bafuna ukuyothola okuya ngasethunjini, base beqala ukuhamba.

<sup>31</sup> Ngathi, “Lindani umzuzu nje. Anikezwa. Niyabo, ngifuna ukunitshela ukuthi kuvelaphi. YiZwi, iZwi.” Futhi ngenkathi ngiqala ukukusho, ngikuphendule ngeZwi, nokuthi kwenziwa kanjani ngeZwi, wonke umuntu wahamba. Awu, yileyondlela okwenzeka ngayo. Mm. Ngenkathi ngimi lapho, imiBhalo iza kimi, embonweni ngihlezi esihlalweni, cishe ngelesishiyagalolunye nqo ngokunye ukusa ekhaya lami.

<sup>32</sup> Bese kuthi-ke, niyazi, iNkosi yethu, ngenkathi Iseyiyo, inkonzo yaYo esencane, ngenkathi Iphulukisa abagulayo nakho konke, lowoRabi osemncane waseGalile, Wayengumfo omkhulu. Kodwa ngolunye usuku Uqala ukwehla eZwini. Futhi ngenkathi Engena eZwini, abantu bahamba. Abangamashumi ayisikhombisa baMshiya. Wasephenduka wathi kwabayishumi nambili, “Nizohamba nani na?” Mm?

<sup>33</sup> Futhi-ke ngacabanga embonweni wami, “Yebo, kunjalo. Niyabo, ngathola olunye uvuthondaba, uvuthondaba olukhulu okufanele ngilwenze. Niyabo? Kodwa ilanga likhanya bha manje. Kodwa amathunzi okuhlwa azobe ewa emva kwesikhashana. Azobuya onke futhi. Khona-ke ngizokwenza lolu olunye uvuthondaba.” Ngaphakamisa isandla sami, ngathi, “Udumo kuNkulunkulu. Angeke ngisadingeka ngifundisise, ngoba ukuthunywa kwami ekuqaleni kwakuwukuhlala neZwi, futhi ngiyohlala nalokho. Bese kuthi lapho ngiqala futhi, ngizovele ngisekele lokho engikushilo, bese-ke ngilinda

loluvuthondaba.” Futhi ngacabanga, “Akumele ngikukhohlwe.” Futhi ngaphuma embonweni. Angazi ukuthi iyiphi—iyiphi indikimba enganginayo. Kodwa kukhona olunye uvuthondaba oluzayo, a-hha, ngokuqinisekile nje.

<sup>34</sup> Ngifuna ukusho kini nonke lapha... Anginiboni kakhulu ebandleni, ngoba ibandla lethu lincane, futhi siminyene phakathi lapho sengathi angazi uk’thini, namakhulu elindile, afike, ajikiswe, kanjalonjalo, evela ezifundazweni ezehlukene nezinto.

<sup>35</sup> Kodwa ngenkathi iZwi liqala ukuvela, ngifuna ukunitshela ngaphambili (Ngingumelusi obambisene lapha, niyazi)—phambi kwalenhlangano yebandla, ngenkathi iZwi liqala ukuvela, niyazi ukuthi uPetru wathini na? “Nkosi, besingayaphi na?” Hlala neZwi. Kwasala abambalwa.

<sup>36</sup> Nginibonga nonke ngokwehla. Bengingazi ngisho nokuthi omunye wenu uyeza, bengingazi ukuthi ukhona obezofika, ngoba bengazi ukuthi kuzobe kuminyene kakhulu ezansi lapha, futhi sathi ukukugcina kithina kanjalo. Kodwa si—siyabonga ukuthi nilapha. Futhi laba ngabafowenu nodadewenu ekukholweni okufanayo. Niyabo?

<sup>37</sup> Leli yiqembu elincane elihlezi lapha eligogobele njengani. Singabahambi nezihambi. Sibheke umuzo oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu, futhi sigogobele. Ngiyabaxhawula, futhi ngithole ukuthi abapheki balapha banga kahle kangakanani... bapheke amabhisikidi. Futhi ngokuqinisekile nizothola ipalishi lommbila. Ngiqinisekile ngalokho. Ngakho kodwa nje tholanani, futhi nixhawulane, futhi nijwayelane omunye nomunye manje niselapha. Manje, sengathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo.

<sup>38</sup> Ngifuna ukusho kubahlobo etabernakele lapha: ngokushesha, manje, asazi, ngeke basivumele ukuba sithuthukise lelobandla size sithenge umhlaba wokubeka indawo yokupaka eyengeziwe. Futhi asikwazi ukuthenga umhlaba. Kuzodingeka mhlasi mbe siyisuse. Nebandla lizama ukungisiza ukuba ngiphume kulesisikweletu samadola ayizinkulungwane ezingamashumi amane. Bazo... Kwadingeka ngiboleke izinkulungwane ezintathu etabernakele ukwenza lokho, ingxenye yalokho. Futhi kuthi ukuba nzima ngathi ukuthenga indlu yokukhonzela ngalesisikhathi.

<sup>39</sup> Kodwa ngethembisa emva kwaleyoMinyaka yeBandla eyisiKhombisa sizokhuluma ngeziMpawu eziyisiKhombisa zokugcina. UNkulunkulu ethanda, sizokwenza lokho khona manjalo. Ngakho sizonitshela ngeposi ukuthi kuzoba nini, futhi nishaye ucingo nithole uBilly, uma nifuna ukubhukelwa indawo kanjalonjalo, ukuze akutholele indawo yokuhlala. NiyaMthanda na? Amen.

<sup>40</sup> UMfowethu Palmer, ngobunye ubusuku, umfowethu... Ubani igama lakhe, u...lomfo omkhulu ngapha, umyeni kaJudy? U-Ernie. U-Ernie. He, bengicabanga ukuthi uVeck ubengacula lowo *Amen*. Kodwa impela wayenephimbo elifana nenyosi embizeni. Wayekwazi ngempela... Ngani, bengingaqondile lokho kanjalo, niyazi. Bengi—ngiqonde, niyazi, ekujuleni kakhulu, ubekwazi ngempela ukucula lelo. He! O, akekho lapha, ukhona na? Kulungile. Ukukhuluma kwami okuluhlaza, ubengekho lapha ukuzokuzwa. Ngakho lokho kulungile.

<sup>41</sup> Manje, ake sehle manje. Futhi wonke umuntu uzizwa ekahle athi, “Amen.” Manje sizozama ukuphuma emini ncamashi, iNkosi ithanda, ngokushesha nje esingaba nambalwa... nje i... Amakilasi kaSonto sikole akhishiwe wonke, awanjalo yini, Mfowethu Jack? Futhi inkonzo isiphelile, sizoba nenhlanganyelo encane nje ndawonye manje.

<sup>42</sup> Futhi—futhi niyazi ukuthi iyini inhlanganyelo na? UMfowethu Bosworth, bangaki abake bezwa ngaye na? Kusobala nonke nike nezwa. Wathi kimi ngolunye usuku, wathi, “Mfowethu Branham, uyazi ukuthi iyini inhlanganyelo na?”

Ngathi, “Ngani, Mfowethu Bosworth, ngicabanga kanjalo.” Ngicabanga ongcewele omdala ebenimazi.

<sup>43</sup> Wathi, “Ngabafo ababili emkhunjini owodwa.” Kunjalo. Leyo yinhlanganyelo, isidlo esingeseBaptisti kuphela. Niyabo? Manje sihlezi ndawonye ezindaweni zasezulwini kuKristu Jesu, izindawo zasezulwini, sixoxisana ku... kuKristu ngeZwi laKhe, sihlanganyela eZwini. Akukuhle lokho na? Inhlanganyelo eZwini, yonke into ngokufanayo, sihlezi etafuleni elilodwa, nidluliselana komunye nomunye.

O, uJesu unetafula elindlalwe lapho kondliwa khona abangcewele bakaNkulunkulu,  
Umema abakhethiweyo baKhe “Woza uzodla;”  
Ngemana yaKhe Uyasondla futhi asihlinzeke  
zonke izidingo zethu;  
O, kumnandi ukudla noJesu ngaso sonke  
isikhathi! (A-hha, mm, mm, mm!)

Manje, ake sivele sivule izindebe zethu—zethu futhi sidluliselane komunye nomunye, inhlanganyelo nobungane omunye nomunye, njengoba sibheke eZwini.

<sup>44</sup> ENcwadini kaJohane oNgcewele isahluko 1, ngikhethile, kulokhu ukusa, indikimba encane ejwayelekile engizodonsa umongo kuyo. Futhi njalo lamateyipu asemakethe, noma e—ebhentshini. Futhi angicabangi ukuthi bazowathengisa ngeSonto. Kodwa uma ufuna ukufaka i-oda ngeyodwa, okuthize kungase kushiwo, ufuna ukufundisisa ngakho, noma, emgqeni womkhuleko.



<sup>45</sup> Manje, izolo ebusuku...Ngifuna ukuxolisa ngaphambi kokuthi ngenze lokhu. Bengizosiza uMfowethu Moore ukuba abhaphathize izolo ebusuku, kodwa ngiwele kulowomugqa wokubona okufihlakeleyo. Futhi, ngokweqiniso, angikhumbuli neze ngisuka lapha. Manje, kunjalo. Niyabo? Ngikhathele. Ngehle ukusuka kumaphawundi ayikhulu namashumi ayisikhombisa ngehla ngaya ekhulwini namashumi amathathu nanhlanu. Ngakho ngi...Kodwa njengoba umthwalo ususukile emahlombe ami manje, mhlawumbe nginga—ngingakwazi ukuhamba kangconywana.

<sup>46</sup> Njengoba uMfowethu Williams asho ngokunye ukusa ekudleni kwasekuseni kweBusiness Men, wathi, AbakwaMayo bamtshela, wathi, “Ufanele uhambe nje, yilokho kuphela,” eminyakeni embalwa edlule. Kwathi nje bengamtshela lokho, waphuthuma ocingweni. Wathi, “Uzo...uyafa nje. U—ulahlekelwa isisindo.” Futhi waphuthuma ocingweni washaya ucingo. NoBilly wamtshela ukuthi eze ehle. Bambeka laphaya kulayini wezimo eziphuthumayo. Ngangena, ngakhuluma naye imizuzu embalwa, futhi ngamkhulekela. Ngicabanga ukuthi usezuze cishe amaphawondi angamashumi ayisikhombisa kusukela lapho.

Wathi udokotela wamtshela, wathi, “Manje, ufanele ulahle esinye salesisindo.”

Wathi, “Uma uNkulunkulu ebeka lokhu kimi, ngizokuyeka kuqhubeke lapha.” Ngakho ngicabanga ukuthi lokho yinto enhle—enhle.

Manje, seninawo umBhalo wenu manje, ukuze sifunde na? UJohane oNgcwele i—isahluko 1 sikaJohane oNgcwele, siqala ngevesi lama 35:

*Ngangomuso wema uJohane, nababili kubafundi bakhe;*

*Wabuka uJesu ehamba, wathi, Bheka, iWundlu likaNkulunkulu!*

*Abafundi ababili bezwa ekhuluma, bamlandela uJesu.*

*Khona-ke uJesu waphenduka, wababona belandela, wathi kubo, Nifunani na? Basebesithi kuye, Rabi (okusho ukuthi, ngokuhunyushwa, Mfundisi) uhlala kuphi? (Umbuzo impela, awunjalo na? Uhlala kuphi Wena?)*

*Futhi wathi kubo, Wozani nibone. Futhi ngakho-ke beza babona lapho ehlala khona, bahlala naye ngalolosuku: kwakungaba yihora leshumi.*

*Omunye walaba ababili abezwa uJohane ekhuluma, bamlandela, wayengu-Andreya, umfowabo kaSimoni Petru.*

*Yena uthola umfowabo uSimoni kuqala, wathi kuye, Simfumene uMesiya, okungukuthi, ngokuhunyushwa, uKristu.*

*Wamyisa kuJesu. UJesu embuka, wathi, Wena unguSimoni kaJona: uyakuthiwa uKhefase, okungukuthi, ngokuhunyushwa, Itshe.*

<sup>47</sup> Sengathi iNkosi ingengeza izibusiso zaYo ekufundeni. Uhlalaphi uNkulunkulu na? Iyini indawo yaKhe yokuhlala na? Sasizokwazi kanjani ukuthi sasisendlini yaKhe na? Ikuphi na? Futhi njengoba Asho kulabo bafundi, “Wozani, nibone.” Yilokho Azokusho kithi kulokhu ukusa. Akakwazi ukuguquka. Kumele ahlale enjalo. “Woza ubone.” Manje, ngifuna ukudonsa kulokhu ukukhuluma ngamanothi ambalwa engiwabhale lapha, *Ukweneliseka Bese Uyashisekela*, ngifuna ukwenza lokho indikimba.

<sup>48</sup> Manje namhlanje, siyathola, futhi siyazi, futhi singabuka ezethamelini nomnyakazo, futhi okungukuthi singababongayo ngabangane bethu, nabathandekayo bethu, nabafowethu nodadewethu esikanye nabo kuKristu, kodwa phambi kwakho konke, kufanele sivume ukuthi kukhona ukuwa okukhulu.

<sup>49</sup> Ngenkathi ngimi lapho kulokhu ukusa futhi ngengeza esinye isiqeshana sephepha ngemva kwalapha, lapho ngizwa lo mfowethu onomusa ekhuluma, nge—ngengeze okunye. Niyabo, ukufakazisa ukuthi kukhona ukuwa, akukho neze ukuqhathanisa namuhla nalokho okwakukhona ngaleyonkathi. Niyabo, niyabo? O, thina—thina mhlawumbe sinezinombolo ezinkulu ngokwedlulele. Sinezakhiwo ezingcono. He, impela. Kodwa leyonto *yangempela*, kukhona ukuhlehla kuyo. Nokho, a—asifuni ukucabanga lokho.

<sup>50</sup> Kodwa mhlawumbe uma uNkulunkulu ethathe abanye bethu, njengoba mhlawumbe besingasho, izikhulumi, noma okuthize, ebesingakwenza... Uyasiphakamisa. Futhi Uyacom... Wafanisa etestamenteni abaprofethi baKhe—baKhe, Wababiza ngezinkozi, futhi WaZibiza ngokhozi. UnguJehova-Khozi. Futhi ngikhulwa ukuthi ngishumaye le lapha ezansi kini lapha, intshumayelo kanye ngokuthi *UKhozi Luhlakaza Isidleke Salo*, futhi yilokho okudingeka kwenziwe. Kodwa uKhozi kumele luzenzele Lona. Niyabo?

<sup>51</sup> Kodwa niyabo, akukho nyoni engalandela ukhozi. O, wena uthi, “iso likaklebe.” Lowoklebe uzama ukulandela ukhozi, ubuyobuthuka emoyeni. A-hha. Ubungeke ululandele lolokhozi ukuba lwaludingeka (Niyabo?), ngoba lolokhozi lungahamba kude kangako kangokuthi uklebe ungeke ngisho ukwazi ukufika kulo. Futhi ngaphambi kokuba uye lapho, kufanele wakhiwe ukuze ukwazi ukumelana nakho.

<sup>52</sup> Kodwa lapho uya phezulu, yilapho ungabona khona kude, njengosomkhathi, kanjalonjalo manje. Niyabo? Lapho uya phezulu, ungabona kude, uma wakhelwe ukubona.

<sup>53</sup> Manje, bekuluyosiza ngani ukhozi ukuya phezulu lapho, uma belungekwazi ukubona emva kokuba selukhuphukele lapho na? Ngakho-ke ngicabanga ukuthi yileyo ndlela abaningi bethu abazama ngayo namuhla ukukhuphukela kokuthile, lapho singakhelwe kuqala. A-hha. “O, Nkulunkulu, ngiphe isipho *salokhu*, futhi wenze *lokhu, lokho, lapho*.” Awukutholi. Kungani? Awakhelwe khona. Ngeke wenze lutho oluhle ngemva kokufika phezulu lapho. Futhi lapho wenza, futhi uma uke wazama ukuziphakamisa, ubungaletha kuphela, engikubiza namhlanje, okulimaze ibandla lethu ngaphezu kwanoma yini enye, ukuqhathanisa kwenyama.

<sup>54</sup> Izolo ebusuku ngime e—ezitebhisini zendawo yami, owesifazane omncane emi lapho ekhala. Cishe eminyakeni emithathu edlule emhlanganweni waseChicago, wayehlezi lapho, futhi wayesanda nokuba nokuhlinzwa akhishwe isibeletho ngokuphelele, wayekade esuswe zonke izitho zakhe, nomdlavuzwa wawususabalele wenyukela emzimbeni wakhe. Udokotela wayesemdelile. Futhi bangabase-Arkansas abadala abahle, omakhelwane benu enhla lapha, futhi ngakho...Owesifazane omncane othandekayo, nomyeni wakhe ungu—ungumPenteco—..., qhabo, uyise womyeni wakhe ungunshumayeli wePentecostal, ngikholwa ukuthi yileyo ndlela okwakungayo, manje, uyise womyeni wakhe.

<sup>55</sup> Futhi, babezwile ngemihlangano, futhi ngicabanga ngoMfowethu G. H. Brown noma okuthize, futhi wayekhuphukele eChicago futhi wayengenile futhi wayehlezi ngemva esesimweni sokushisekela.

<sup>56</sup> UMoya oNgcwele, njengoba niwubonile usebenza izolo ebusuku, wenyukela phezu kwezethameli ngqo wase ubuyela emuva futhi wamtshela. Kwakulapho-ke. Futhi bangaki abake bangizwa ngithi, “Ngibona ithunzi elimnyama phezu kwakho, ekufeni”? Manje, sinaso isithombe, njengoba senza nje ngeNgelosi yeNkosi, salokho. Sinesithombe salokho. Kwathathwa nje. Wakhuluma nowesifazane osibekelwe ithunzi ngokufa. Basishutha. Futhi lapho bekwenza, esithombeni phezu kowesifazane kwakukhona umgaxo omnyana wentuthu emnyama eshwilekayo. Kukhanya nje njengoba bekungaba njalo. E-Southern Pines, eNorth Carolina. Futhi lapho ukuthi...Nina nonke, ibandla lasetabernakele, nikubonile ebhodini lezaziso, anizange na? Yebo. Kulungile. Nakho-ke. Niyabo?

<sup>57</sup> Angiqambi amanga. Ngi—ngibophezelekile ukuthi ngiqambe amanga, ngoba ngingumuntu. Kodwa angiqambi amanga, ngoba uNkulunkulu uphenduka abuyeke emuva futhi

aqinisekise lokho ukuthi kuyiqiniso. Lapho nginitshela ukuthi kwakukhona ukukhanya, ngisengumfana ezansi emfuleni ngesikhathi iphephandaba lishutha i—isithombe sakho, futhi niyabo, manje kungukuthi... Lokho kufakazelwe. Lokho kungaphezu kwethunzi lokungabaza. Wonke amabandla, bonke abantu, amaKristu, bayakwazi lokho. Niyabo, niyabo? Awu, yi—ithunzi. Bese kuthi—ke lapho ukufa kufika, yithunzi. Futhi lapho lowo wesifazane wayesebekelwe ithunzi lokufa.

<sup>58</sup> Awu, lona wesifazane omncane naye waye, noMoya oNgcwele wamtshela ukuthi wayevelaphi. Ngabe—ke sengibheka emuva, futhi lobo bumnyama base bufiphalile, kwakukhona ukuKhanya okulenga phezu kwakhe. Yilokho kuphela. Futhi ngizovele ngibeke impilo yami khona lapho ukuthi yilokho—ke. Akakaze enze iphutha. Ngakho—ke, izwi livela, “ISHO KANJE INKOSI.” Manje, izikhathi eziningi nonke nithola leyomibono (Niyabo?), niyithola ngendlela efanayo ukuthi... Akuwona umbono, futhi nokho, umbono.

<sup>59</sup> Niyabo, ngenkathi owesifazane ethinta umphetho wengubo yaKhe, lowo kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Niyabo, wadonsa kuYe, ngoba Wathi, “Ngibe buthakathaka.” Futhi empeleni Akazange asho, “Ngikuphulukisile,” Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Igama elithi sozo, njengokuthi, “ukusindiswa ngokomzimba, ukusindiswa komoya.” Niyabo? “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Manje, niyabo, owesifazane, ukukholwa kwakhe uqobo kwenza lokho, ekholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu.

<sup>60</sup> Manje, ngenkathi uNkulunkulu efuna ukusebenzisa isiphiwo saKhe kuLazaru, Wavele waMnikeza umbono. Wahamba, futhi lapho Ebuya Wavusa indoda ethuneni eyayilapho izinsuku ezine, kakade, ngamazwi ethu okukwazi, ukubola. Ikhala lakhe lase liwele phakathi, leso sikhathi esingako. Niyabo? Kulungile. Manje, futhi Akazange asho nazwi mayelana nokuba buthakathaka. Lowo kwakunguNkulunkulu esebenzisa isiphiwo saKhe.

<sup>61</sup> Omunye kwakungowesifazane esebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Ngakho khona—khona... UJesu wayengazi nokuthi wayelapho. Wayedlula nje, futhi Waphenduka. Manje, Wayengesuye umzencisi, niyazi, Wathi, “Ubani oNgithintile na?” Wayengazi. Khona—ke Wathola lapho lokho kudonsa kokukholwa okwakukhona, wamtshela “Ukukholwa kwakho kukusindisile: umopho wakho.” Niyabo? “Ukukholwa kwakho kukusindisile.”

<sup>62</sup> Awu, leyo yinto efanayo yenzeka ngalendlela. Izikhathi eziningi uma lokho kwenzeka... manje bhekisisani lokho. Kodwa emsamo, noma ndawo ndawo lapho nginomuntu siqu lapho engingakhuluma khona nabo, futhi ngibone ukuthi yini

engalungile ngabo, khona-ke uma singalinda imizuzu embalwa nje, futhi sibone ukuthi iNkosi ithini emuva ngakho!

<sup>63</sup> Manje, qiniseka ukuthi lowo nguNkulunkulu osho lokho manje, futhi hhayi ukuzwakaliswa. Njengoba ngishilo ngobunye ubusuku, maningi kakhulu amaqhinga ePentekoste. A-hha. Yingakho-ke u—u—u—ubuqotho nokuqiniseka kulahlekile, yingoba, ukuzifanisa kwenyama. Uma besiqinisekile ukuthi lowo bekunguNkulunkulu, besiyohlala singanyakazi. Ngakho lapho sithi, “ISHO KANJE INKOSI,” qiniseka ukuthi nguNkulunkulu, hhayi umcabango wakho siqu, noma ukuzwakaliswa, noma ukushaya kwenhliziyo. Yazi ukuthi nguNkulunkulu. Bese kuthi-ke kuloludaba kwakhuluma kwamphendula futhi kwamtshela. Kujwayelekile ngokuphelele, bekulokhu kunjalo kusukela ngaleso sikhathi.

<sup>64</sup> Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule e-Arkansas kwakukhona umfundisi omncane oweza. Futhi angiphikisi izwi lalowo mfana. Anginalo ilungelo. Angisiye uNkulunkulu. Wa—wathi iNkosi imuphe isiphiwo sokubona okufihlakeleyo. Awu manje, kusobala, leso ngesinye seziphiwo zomBhalo, impela. Kulungile lokho. Kodwa niyabo, akusho kwakuphambene.

Wayemtshela, efakaza ngalokho i—iNkosi eyayimenzele khona.

<sup>65</sup> Wathi, “O, kodwa ake ume umzuzu. Sekubuyele kuwe futhi.” Awu, sengathi, kwethusa owesifazane omncane wacishe wafa, futhi nangu izolo ebusuku ubemi phezulu lapho ekhala. Usevele wabhaphathizwa kanye, futhi nangu wayephansi esitezi esingaphansi ezama...wembatha ingubo ende, wayegijimele esitezi esingaphansi ukuyobhaphathizwa ukuze afike lapho engangikhona. Usevele ubhaphathiziwe, kodwa wayezophinda abhaphathizwe, nje, ukuze athole, ame lapho. UMfowethu Jackson ubesegosini naye izolo ebusuku phandle lapha ehhotela lami labahamba ngezimoto. Ngokuba yena owesifazane... Lowo mfana emtshela lokho, nalowo wesifazane wayengenawo umdlavuzwa kunoma uJim Maguire enawo, ehlezi lapha. Niyabo?

<sup>66</sup> Umuntu...Omunye wabazalwane bethu bePentecostal wayesemhlanganweni lapho omunye umfowethu omncane ayengene khona futhi watshela indodakazi yakhe ukuthi yayibulawa umdlavuzwa. Awu, wamngenisa ngendiza. Ngangena ekamelweni. Samhlalisa lapho odabeni oluphuthumayo, futhi sabuka iNkosi. Ngimbonile...Lokhu sekube isikhashana esedlula, futhi ngimbonile ethwele abantwana ababili. “Ngani,” ngathi, “awufi. Awunawo umdlavuzwa. Manje, wena thatha nje...Ngizokukhokhela, yiya kogodele isifo bese uhlolwa.” Niyabo? “Awunawo umdlavuzwa.”

<sup>67</sup> Ngakho niyabo, kungukuthi...Futhi wakhuluma eGameni leNkosi. Naye lo mfana wenza okufanayo. Kuyini na? Ngumdlandla, idlingozi. Futhi ekwenzeni lokho, awukuqapheli

ukuthi—ukuthi lokho kubeka inkungu e—ebusweni babantu na? ukuthi abazi ukuthi yini okumele bayikholwe. Qiniseka ukuthi ukhuluma ngani.

<sup>68</sup> Lolu suku lokuwa, futhi njengoba sekuwele kulokho, abantu balahlekelwa ukushisekela. Khumbulani, umuthi uyakhula, ngokufanayo nje. Njengoba uJoweli asho, “Ngizobuyisela.” Abaningi benu bathatha amateyipu, futhi bengifisa sengathi beningawuthola lowomlayezo othi *UMuthi WoMlobokazi*. Niyabo? Nokho Wangqunywa. NoMuthi omkhulu, uKristu, wanqunywa. WayenguMuthi wokuPhila ovela ensimini yase-Edene futhi walengiswa kono—ononya, umuthi owenziwe ngamaRoma.

<sup>69</sup> Kodwa lowoMuthi wokuPhila ofanayo Ayeyiwo, okungukuthi umuntu udla kuWo futhi angafi, Wayekhulisa uMlobokazi. Futhi ngenkathi lowoMlobokazi uvela kuMoya oNgcwele, kwenzekeni na? Wanqunywa yiRoma Katolika ehlelweni. Kodwa uJoweli wethembisa ukuthi Uyobuyisela futhi.

<sup>70</sup> Kwaqala futhi ukuphuma esiqwini ngezinsuku zikaLuther. Wenzani na? Wawuhlela. Wawunquma futhi, wawuthena. UMuthi waqhubeka wakhula. Wangena kuWesley. Kwenzekani na? Wahlelwa, wathenwa, umnisisivini wanquma amagatsha. Afa. Ngibonise kanye lapho inhlango ike ibuye futhi. Athenwa.

<sup>71</sup> Naku kuza iPentekoste, elinye igatsha liphuma kuwo. Kwenzekani na? Lahlelwa, lathenwa, lanqunywa futhi. Kodwa khumbulani, phansi enhliziyweni yalesosiqu, izo—izoveza uMlobokazi wangempela. “Ngizobuyisela,” kusho uNkulunkulu. Futhi sithola nini isihlahla, isithelo saso, sivuthwe kuqala na? Kusesicongweni. Kungani? Kuseduze nelanga. Kungcono ngisuke kulokho manje. Sibuyela kulokhu okunye.

<sup>72</sup> Ukuwa, akukho ukushisekela. Ngiyawubona umbono wabantu, futhi ngifuna ukukhuluma ngalokhu ngoba lona uSonto sikole wethu, futhi lapho nje i . . . ibandla lethu elilodwa elihlangane ndawonye lapha, amabandla amabili, amaqembu amabili kodwa abantu abafanayo, ngakho ngi—ngingakuchaza lokhu.

<sup>73</sup> Kukhona ukuwa, futhi khona . . . nokuwa kulethe ukungashisekeli. Benzani namuhla na? Kubonakala sengathi, njengoba u-Azusa Street nokuthululwa kukaMoya oNgcwele, ukuthi into kuphela ebalulekile ebandleni ukuthola ubulungu, amalungu amaningi, ukungenisa noma yini. Futhi sisebenzisa imfundiso yokuthi babefanele bakhulume ngezilimi ukuze babe noMoya oNgcwele. Futhi abaningi babazalwane behlisa abantu, futhi babatshela ukuthi basho izwi emuva naphambili, “udumo, udumo, udumo,” baze bathole ukudideka kolimi. Uma nje bebengahlala bathule nje kuze kufike uMoya oNgcwele!

<sup>74</sup> Manje, ngikholwa ukuthi nikhuluma ngezilimi futhi. Ngiyakukholwa. Kodwa uma ninowangempela, uMoya oNgcwele wangoqobo ukhuluma ngezilimi, niyazi ukuthini? UkuPhila kukaKristu kuzolandela kuwe. Manje, ngibone izinyanga bathakathi zikhuluma ngezilimi. Ngibone zonke izinhlobo zezinto, ngiyisithunywa senkolo, bephuza igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi bakhulume ngezilimi, futhi babize udeveli. Mm.

<sup>75</sup> Umama wami omdala, osanda kushona ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, wayeyiNdiya uhhafu. Futhi ngike ngaba semakamu abo, futhi ngibabonile bezisonga ngenyoka *kanjalo*, futhi benza umdanso wommbila, futhi bakhulume ngezilimi futhi babeke ipensela phansi, futhi liyobhala ngezilimi ezingaziwa futhi likuhumushe.

<sup>76</sup> Ngakho, niyabo, akukho muzwa obungakubeka kuMoya oNgcwele. Niyakubazi ngesithelo sabo. Manje, lokho akunqamuli ukhuluma ngezilimi, futhi lokho akunqamuli ukumemeza, lokho kunqamula . . . Impilo yakho iyafakaza, wena uqobo. Ikutshela ukuthi—ukuthi kuyini, impilo yakho—yakho ikhuluma ngakho.

<sup>77</sup> Manje, namuhla into enkulu ukujoyina ibandla, ubulungu, ukusekela u—uhlelo lomsakazo. Awu, lokho kulungile. Lezozinto, angizigxeki, kodwa ngiyanitshela. Niyabo? Yakha isikole esikhulu ndawo ndawo, akulungile lokho na? Wonke umuntu ufuna ukwakha isikole sesayense yezenkolo. Bafuna yonke imali abantu abanganikela ngayo ukuze basekele okunjalo, futhi bafake izigidi zamadola kukho. Niyabo? Bese kuthi-ke, lesisigaba esifanayo sabantu sithi bayakholwa ukuthi uJesu uyeza kulesisizukulwane.

<sup>78</sup> Awazi yini? Abantu abazona izimpumputhe ngokuphelele. Ngani, ubufakazi bakho uqobo buyafakaza. Izenzo zakho zikhuluma kakhulu kunamazwi akho. Ungasho kanjani ukuthi uyakholwa ukuthi uJesu uyeza, ufuna ukumisa isakhiwo samadola ayisigidi na? Nezithunywa zenkolo, qiniso, ezingenazo izicathulo ezinyaweni zazo. Futhi ngenxa yokuthi aziyona ingxenye yenhlangano ethile azisekelwa. Bese-ke sithi siyakholwa ukuthi ukufika kweNkosi sekusondele, “Uzofika kulesi sizukulwane.” Abantu bazi kangcono kunalokho. Niyabo?

<sup>79</sup> Banakho . . . abanelisekile, yilokho kuphela, abakukholwa. Bavele bakuthathe njengesiko labo. Othile uyakusho, “O, Udumo kuNkulunkulu. UJesu uyeza maduze impela.” Olandelayo wathi, “Udumo kuNkulunkulu. UJesu, uyeza masinyane impela.” Uma ukukholwa lokho, bekuyoba nesililo esikhulu kulelidolobha owake wasizwa. Kuyisiko. Akulona iqiniso kubantu. Akukwenzi—akukwenzi . . . akuhlangani. Kufakazela ukuthi akunjalo.

Abanelisekile ukuthi Uyeza kulomnyaka, futhi abanelisekile futhi ukuthi Ukanye nabo, abanelisisekile.

<sup>80</sup> Manje, u-Eva wayenganelisisekile ukuthi iZwi likaNkulunkulu laliqinisele. Ukube wayenelisekile, wayengeke alalele umzindo awunikwa nguSathane. Izimpi ezimbili ezinkulu. Eyokuqala yaliwa ezulwini. USathane waxoshwa. Futhi uNkulunkulu uyindoda enkulu yezempi.

<sup>81</sup> Manje, niyabo, lapho isizwe sithumela izinhloli yonke indawo ukuthola ukuthi umuntu oseduze unani, awu, sinokuyinqwaba, nakuba sinobungani neNgilandi, kunezinhloli zamaNgisi lapha ukuze zibone izimfihlo zethu ze-athomu, futhi kukhona izinhloli zaseMelika ngale eNgilandi zibona lokho abanakho nabo. Akukho ukwethembana komunye nomunye, ngoba uma umunye ethola into eyodwa, omunye ezama ukuthola enye into ukuze abhekane nalokho. Yile yondlela abasinda ngayo.

<sup>82</sup> UNkulunkulu, ebuthweni laKhe, Akwaziyo. . . Futhi zonke izizwe zizama ukuhlomisa amabutho azo ngokukwedlula konke. Bafanele bakwenze ukuze basinde. Futhi uNkulunkulu ehlovisa impi yaKhe, engenasiphelo, wayazi izikhali ezedlula zonke ezazikhona. Futhi Wenzani na? Unika ibutho laKhe iZwi laKhe. Asiqinisiwe ngemva kwehlelo. Asiqinisiwe ngemva kwamaqembu. Siqiniswa yiZwi likaNkulunkulu. Nodeveli wayekwazi lokho, ngakho wazama kokukodwa. . . futhi manje. . . Inhloli, udeveli ezama ukuthola indlela yokungena kulolodonga, kungenzeka ukuthi uzame ukuzijabulisa, kungenzeka ukuthi uzame yonke into, kodwa niyazi ukuthi wamtholaphi u-Eva na? Emizindlweni.

<sup>83</sup> IBhayibheli lathi sifanele silahle ukuzindla. Ukukholwa kuyakwenza. Manje, ukuzindla. “Akunangqondo yini, Mfowethu Branham, ukuthi ibandla lisesimeni esingcono namhlanje kunalokho elaliyikho eMgwaqeni u-Azusa, noma emuva ngalesosikhathi na?” Qha, mnumzane. Basukile eZwini. Basukile kwi. . . lapho isihlangu sabo—sabo—sabo. IZwi liyisiVikelo sethu. Futhi nakuba abantu babengeke balokothe bathi abakukholwanga, bayakufuna, kepha izenzo zabo zikhuluma kakhulu kunamazwi abo: lapho indoda ithi, “O, udumo kuNkulunkulu, sibheke ukuthi uJesu afike noma nini; ithi, ngi—ngivumele. . . sizokwakha isakhiwo phandle lapha, sibiza izigidi *eziningi kangaka zamadola.*”

<sup>84</sup> Manje, uyazi ukuthi okubili kuphindwa kabili kulingana nokune. Noma yimuphi umfundi webanga lesibili uzokwazi lokho. Niyabo? Futhi ungakholwa kanjani ukuthi Uyeza manje futhi wakha izakhiwo ezinkulu na?

<sup>85</sup> Futhi nokho, siyabubona bona impela uBukhona bukaKristu kukho impela ukugcwaliseka kweZwi laKhe. Kodwa asinelisekile ukuthi nguYe (Kunjalo.), ngoba iziqhathaniso



zenyama nezinto zibalahlile abantu. Sekunjalo-ke akusekho zinhlonipho, neze, emilayezweni. Futhi noma yini nje eyophakama bazoyibiza ngomlayezo, lapho umlayezo ufanele wehliswe. Futhi uma kungafezeki, unomoya omubi lapho.

<sup>86</sup> UNkulunkulu wathi, “Uma kukhona oyedwa phakathi kwenu ongowomoya noma umprofethi, Mina, iNkosi, ngizokhuluma kuye. Futhi uma kungafezeki khona-ke akuMina. A-hha. Kepha uma kwenzeka, khona-ke mesabeni, ngokuba Nginaye,” ngoba uNkulunkulu uyiqiniso.

<sup>87</sup> Sivele siphakame. Futhi niyabo, kuvele kube nje... njengokuchitheka. Kunjalo. Manje, lelo yigama elibi ukulisho, kodwa lona nguSonto sikole. Ake siqondise lokhu. Yijubili. Kungukuthi... niyabo, sekube yileyondawo nje. Ngikubhekile. Ngikubhekile khona lapha kulelitabernakele. Ngikubheka etabernakele lami. Ngikubheka yonke indawo.

<sup>88</sup> Kusobala, njengoba umbono washo, bavele bakufulathele. Kufanele kube ngaleyondlela. Uma bakwenza kuYe, bakwenza ngenye indlela, bazokwenza futhi (Niyabo?), ngoba bathatha ukuzindla: “Manje, akufanele yini sibe nalokhu?” Futhi, “Akufanele yini sibe nakho lokho?” Lokho yimizindlo futhi hhayi iZwi.

Manje, wena uthi, “Awu, wazi kanjani na?”

<sup>89</sup> Awu, vele ukuyise eBhayibhelini, futhi ubone ukuthi uNkulunkulu uyakuqinisekisa noma qha. Uma uNkulunkulu enze isithembiso, uNkulunkulu uzofanele asigcine isithembiso saKhe. Uma Engasigcini, Akasuye uNkulunkulu. Manje, awukwazi nje ukuqagela lokho. Ufanele uMkhholwe ngempela, futhi kungcono wazi ukuthi ukhuluma ngani. Manje, bayakufuna, kodwa izenzo zabo zikhuluma kakhulu kunezwi.

Niyazi, uJesu wathi, “Uma niNgithanda, yondlani izimvu zaMi.”

Manje, Akazange athi, “Zigunde.”

“Zondle.”

Akakaze athi, “Zifundise.”

Wathi, “Zondle.”

<sup>90</sup> Awu, izimvu zondliwa kahle ngokudla kwezimvu; nokudla kwezimvu yiZwi. “Ngokuba umuntu akayikuphila ngezwi lodwa, kodwa ngawo wonke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.” Hhayi nje elilodwa lapha, manje futhi ngalesosikhathi, kodwa onke amaZwi, “umudwa phezu komudwa, lapha ingcosana nalapho ingcosana,” onke amaZwi aLo. Banike uKudla kwezimvu.

<sup>91</sup> Futhi Ukudla abakufunayo kungukuPhila. Imvu yangempela ibheka ukuPhila. Futhi yinye kuphela Into EnokuPhila. UJesu wathi, “AmaZwi aMi angukuPhila.”

UyiZwi, futhi UngukuPhila. “NgiyiNdelela, NgiyiQiniso, NgingukuPhila.” Futhi UyiZwi. A-hha.

<sup>92</sup> Manje, sizobanika kanjani isivumokholo na? Ngani, ubanika ukhula, ukhula lwehlelo, izivumokholo, esikhundleni soKudla kwezimvu, iZwi. Futhi yini oyitshalayo na? Awu, lokho nje ukhula olukukhiqizayo, impela.

<sup>93</sup> UJohane umBhaphathizi lapho . . . Sinokuncane okuqoshiwe ngoJohane. Into kuphela esiyaziyo ukuthi wayeyindodana yompristi, noyise nonina base bekhulile. Futhi lapho waye, uZakariya, wayenza umsebenzi wakhe ethempelini, njengokuzulisa umcengezi wokuthunqisela impepho ngesikhathi abantu bekhuleka, siyazi ukuthi iNgelosi yeNkosi yabonakala kuye futhi yamtshela okuyokwenzeka. Futhi-ke, base bekhulile. Kumelwe ukuba kwenza zaba lusizi izinhliziyi zezithandani esezikhulile lapho zazi ukuthi uJohane, yena . . . babengeke baphile ngokujwayelekile ukumbona engena emandleni akhe. Kodwa babazi ukuthi wayezoba yinceku enkulu kaKristu, umprofethi.

<sup>94</sup> Manje, kuyamangaza, manje. Uma lowobaba, ehlezi phansi futhi etshela uJohane, “Johane, ndodana yami, ngenkathi uzalwa, kwenzeka into eyinqaba.” Niyabo? Kwenzeka into eyinqaba: UJohane ezalelwe umsebenzi, esikhundleni sokuthi aye esikoleni lapho uyise aphuma khona, okwakungokwesiko ngokuphelele, umfana ufanale alandele umugqa kayise. Ngisho, noma yimuphi kini uyazi, ekufundeni i—i, ebandleni laseNayisiya, njengoMartin oNgewele, uyise wayeyi—indoda yezempi. Yena ngokoqobo, kwakufanele alandele umugqa kayise—umugqa kayise futhi abe yindoda yezempi.

<sup>95</sup> Futhi kwakungumkhuba walezo zinsuku, ukuthi balandela lokho uyise akwenzayo. Yileyondlela umpristi ophuma ebupristini bukaLevi, uLevi, omunye walandela omunye, umugqa wobupristi. Futhi abanye babengabafuyi bezimvu, abanye bengabafuyi bezinkomo, futhi bonke balandela umugqa wakhe, kodwa uJohane, okuxakile, esikhundleni sakhe, azi ukuthi umsebenzi wakhe wawubalulekile . . .

<sup>96</sup> Manje, akungabazeki ukuba wayeye esikoleni sabo lapho uyise avela khona, “Awu, le—le yindodana kaZakariya. Ngakho ngiyakutshela ukuthi sizokwenzani. Sizo . . . Ngiyakutshela ukuthi sizokwenzani. Sizomenza indoda enkulu phakathi kwethu kanje, ngoba uyise wayeyindoda enkulu. Sizomnika imfundo yakhe, nePh.D. yakhe, nakho konke kanje.”

<sup>97</sup> UJohane wayazi ukuthi uma eke wajovela lokho kuye, wayezolahlekelwa inani langempela lobizo lwakhe. Ngakho ungena ehlane wase elinda, ngoba wayazi ukuthi wayezokwethula uMesiya. Wayazi ngalesosikhathi into efanayo okufanele ngabe siyazi namuhla, ukuthi ukufika kukaMesiya kwase kuseduze, njengoba sikhulwa namuhla.

<sup>98</sup> UJohane akazange amise noma yiziphi izikole, kodwa wayeshisekele ngeZwi leNkosi. Futhi wayezokwenza... Emva kokushisekela, wayazi ukuthi wayefanele aneliseke lapho lowoMesiya ayeyobakhona. Futhi wayeneliseke kakhulu ngenkathi Ephuma, wathi, “Kukhona Omi phakathi kwenu eningamazi.” O, mfowethu. “Oyedwa, njengamanje, umi phakathi kwenu. AniMazi, kodwa nguYe. NgizoMazi, ngoba ngenelisekile ukuthi ngeke ngilenze iphutha. UNkulunkulu wangitshela ehlane ukuthi ngiyomazi, ngokuba ngiyobona isibonakaliso phezu kwaKhe, isibonakaliso sikaMesiya.”

<sup>99</sup> Omunye wabo ngahle ukuba wakhuphuka, omunye oyinhloko yabapristi, wayesethi, “Mnumzane, sikuthatha njengomprofethi. Nangu uMfowethu S’bani-bani. Uyindoda emangalisayo. Ngani, ungomunye womngane omkhulu wompristi omkhulu. Ungumfo okahle kakhulu. Awucabangi yini, mnumzane, awucabangi yini, manje, yiba qotho, awucabangi yini ukuthi unguMesiya na?”

“Qha.”

“Awu, awucabangi yini ukuthi bekufanele simenze . . .”

<sup>100</sup> “Angazi lutho ngalokho.” Kodwa wathi, “NgiyakuMazi, ngokuba Lowo owangitshela ehlane ukuba ngiyobhaphathiza ngamanzi, wathi, ‘Engiyobona uMoya wehlela phezu kwakhe, lowo kuzoba nguYe.’”

<sup>101</sup> Manje, akashongo ukuthi, “Manje, ngizokutshela ukuthi sizokwenzani. Sizogala isikole. Sizofundisa isigejana sabantu kulokhu.” Qha, mnumzane. Isikhathi sase sihambile kakhulu. Kwakungekho okumele akwenze ngaphandle kokulungela. Ashumayeke iZwi; aqaphele isibonakaliso.

<sup>102</sup> Kwase kuthi-ke lapho ephuma lapho ngolunye usuku, futhi wayemi ngaphesheya komfula eshumayela, nompristi ngakwelinye icala wathi, “Awu, Rabi, uqonde ukungitshela ukuthi kuzobakhona isikhathi lapho umhlathshelo wansuku zonke uzonqamuka ethempelini, futhi bangeke besaba namawundlu na?”

Wathi, “Kuzofika isikhathi lapho umuntu eyoba yiWundlu likaNkulunkulu.”

“O,” bathi, “Rabi, uphambene.”

Wathi, “Laphaya . . . O, bhokani, nangu Yena. Nguye Lowo.”

“Uqinisekile impela kanjani na? Uneliseke impela kanjani na?”

<sup>103</sup> Okokuqala, wayeshisekele ngaye . . . wayezokwazi kanjani. Kwase kuthi-ke lapho esetholile impela okuyoba yikho, wayeseneliseka-ke ukuthi lowo kwakunguYe. Wakubona. Kungani singeke namuhla na? Ngenkathi uNkulunkulu eprofetha lezizinto ezizayo, ngisho nebandla laseLawodikeya, nokusebenza kukaMoya kulolusuku, besifanele sishisekele

ngalezizinto, khona-ke sizobe sesinelisekile. Wayengekwazi ukuba nephutha.

<sup>104</sup> Siyathola manje ukuthi lo mfundi . . . Emva kokuba uJohane esenze lesisitatemende, futhi waMbizela phandle khona lapha, “Bheka iWundlu likaNkulunkulu,” u-Andreya wayemi nabo. No-Andreya walandela uJesu, ngokuba wayemethemba uJohane, ebona ubuqotho bakhe, ukuthi wayezomemezela uMesiya.

Kwathi lapho esekwenzile, wathi, “Rabi, Uhlala kuphi na?”

<sup>105</sup> NoJesu wathi, “Woza, ubone. Woza, ubone lapho eNgihlala khona.” Futhi wahlala naYe ngalobobusuku. Wahlala naYe waze waneliseka ukuthi Lowo kwakunguMesiya.

<sup>106</sup> Inkathazo yakho ingukuthi, asihlali isikhathi eside ngokwanele. Asinelisekile. Yingakho ukushisekela kwethu kusishiyile. Yingalesosizathu simatasa kakhulu ezintweni zezwe. Yingakho singahlaliseki kakhulu. Asikaneliseki. Sicabanga ukuthi sinjalo. Kodwa lapho unelisekile, njengoba umfowethu omdala eshilo esikhashaneni esedlule, kukhona okwenzekayo. Lapho uneliseke ngempela, khona-ke uyashisekela.

<sup>107</sup> Manje, uyakhumbula, u-Andreya, kwathi nje esehlukan- . . . enelisekile, wayeshisekele ngomfowabo. Wayefuna umfowabo azi okuthile ngakho. Awukwazi ukukubamba kuthule. Ufanele wenze okuthile ngakho. UStefanu wayenelisekile. Manje, siyaqaphela, lapho unelisekile khona-ke ushisekele. Futhi yingalesosizathu ngineliseke kakhulu ukuthi ibandla likulesisimo saseLawodikeya, futhi yingakho ngishisekele ngakho.

<sup>108</sup> Akukhona ukuthi angizithandi lezizinto, kungenxa yokuthi ngenelisekile ukuthi ngikhuluma iqiniso elivela eZwini likaNkulunkulu. Ngiyayibheka iminyakazo yaKhe. Ngizibona ngenza izinto, ngiyamangala ukuthi kungani, futhi ngibheka emuva futhi nakhu. Ukhuluma nami, futhi ngiyazibuza, “Angikaze ngikucabange lokho. Kungani lapha, yilokho impela.” Khona-ke ngiyaneliseka, futhi yingalesosizathu ngishisekela.

<sup>109</sup> Angifuni kulahleke muntu. Ngishisekele ngani. Ngishisekele ngabantu, ngoba ngenelisekile ukuthi uJesu unguKristu. Ngenelisekile ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina. Yingalesosizathu mina, awu, emuva ensimini, ngaqala eminyakeni eminingi edlule. Bengingahle ngibe usozigidi izikhathi ezimbili. Mina ngiboleke amadola ayizinkulungwane ezingamashumi amane? Lokho bekuyoba “amantongomane,” njengoba sikubiza kanjalo.

<sup>110</sup> Ngani? “Kungani ungazange ukuthathe na?” Umelusi wenu lapha uyazi ukuthi zingaki izinkulungwane eziphindwe ngezinkulungwane eziphindwe ngezinkulungwane zamadola

esazenqaba. Kungani? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngenelisekile ukuthi sisekupheleni, futhi ngishisekele ngesimo sebandla lapha ekupheleni.

<sup>111</sup> Ngenelisekile ngabesifazane abagunda izinwele zabo. Ngishisekele ngakho. Bangodadewethu. Ngenelisekile ngamadoda engopopayi. Ngishisekele ngabazalwane bami. Akukhona ukuthi angibathandi; ngiyabathanda. Yilo kanye uphawu lokuthi ngiyabathanda, hhayi ukuthi ngizama ukuba luhlaza kubo. Ngenelisekile, futhi ngishisekele ngakho.

<sup>112</sup> Manje, sonke sifanele seneliseke. Futhi lapho seneliseka, izimpilo zethu ziqala ukuvutha, njengoba umfowethu eshilo. Kukhona okuthile, ngeke sime singanyakazi ngakho. Awunakho ukuphumula. Wena nje, njengoba asho esikhashaneni esedlule, akakwazanga ukulala ubusuku bonke. Wayenelisekile ukuthi lowo bekunguNkulunkulu. Ubeshisekele ngokuLithola yena ngokwakhe. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ukweneliseka, bese uyashisekela.

<sup>113</sup> Yebo, uJohane wahlala ehlane waze wathola ukuthi lwaluyini uhlelo lukaNkulunkulu. Wabe-ke eseshisekela. Wayesazi isibonakaliso sakhe. U-Andreyu wahlala noJesu ubusuku bonke, wayeseshisekela-ke ngomfowabo. Wahamba wamlanda. Singakubiza kangaki lokhu, okungukuthi, asinaso isikhathi esiningi kakhulu phezulu lapho, kodwa ngi—ngifuna ukusho lawa mazwi ambalwa ngaphezulu, uma nizingibekezelela cishe eminye imizuzu eyishumi.

<sup>114</sup> UJakobe waba nokushaya kwenhliziyo ukuthi ufanele abuyele ekhaya, kodwa wayazi ukuthi wayefanele abhekane nesitha sakhe. Wayengazi ukuthi wayezokwenza kanjani. Wenzani na? Okokuqala, wahlala lapho waze wabamba uNkulunkulu. Futhi ngenkathi esenelisekile ukuthi wayenesibusiso ngoba uNkulunkulu washo njalo, khona-ke washisekela.

<sup>115</sup> Okokuqala ufanele ahlale aze azi ukuthi kukhona okwenzekile. Wayenophawu ebuntwini bakhe benyama olwalubonisa ukuthi uNkulunkulu wayekubeke phezulu kwakhe. Omkhulukazi, onamandla, awu, waye—wayenguJakobe nganeno komfula, igwala elikhulu, elinamandla, elinempilo; futhi ngaphesheya komfula wayengu-Israyeli oxhugayo. Ngapha komfula wayeyindoda enamandla, uJakobe, umkhohlisi. Kanti ngaphesheya komfula wayeyiqhawe elixhugayo, lingesabi lutho. Wayengafuni ngisho noma yini u-Esawu ayengamnikeza yona. Wayenelisekile ukuthi wayethintwe uNkulunkulu. Konke ukuhamba kwenze kwahluka.

<sup>116</sup> Lapho umuntu e, wubona ngempela umehluko wophawu lukaMoya oNgcwele empilweni yakhe, khona-ke unelisekile, futhi ushisekele. Lapho ubona indoda elandelayo, uJakobe oyigwala elikhulu emi *ngapha*, “Awu, akabongwe uNkulunkulu.

NginguDkt. *S'bani-bani* ovela *ekuthi-thini*,” O, mfowethu, yehla futhi uxhungele kancane. Impela.

<sup>117</sup> UShamgari, abaningi benu... Wayengomunye wabahluleli bakwa-Israyeli, oyedwa omncane... Abefundisi abaningi abakaze bakubone ngisho nalokho eBhayibhelini, kodwa wayengomunye wabahluleli bakwa-Israyeli, ivesi elilodwa elincane elabhala ngaye. Kodwa ngiyamthanda. Wayeyindoda eseduze nenhliziyo yami.

<sup>118</sup> Niyazi, amaFilisti, khona-ke, wonke umuntu wenza lokho ayefuna ukukwenza. Ngakho sithola ukuthi ama-Israyeli ayekhulise inqwaba yezitshalo, namaFilisti ayehlala emuva laphaya, futhi agembule, futhi abenze babe izigqila zawo. Futhi lapha babehamba bengene ngqo, (kungekho kubumbana phakathi kwabo), baqhubeke bangene ngqo bese bethi, “Awu...” bathathe izitshalo zabo. Unyaka nonyaka babekwenza lokho.

<sup>119</sup> Lo mfo omdadlana, ngelinye ilanga, wayengesilo i- iqhawe, waba nje... into kuphela ayenayo kwakuyisitshalo sakhe. Futhi sengiyambona emile ngemva kokubeka isivuno sakhe enqolobaneni, wabheka, izingane zakhe ezincane ezimahliphihliphi, nomkakhe edinga ingubo. Futhi nje konke kubekwe kahle. Wayemi lapho, encikile, ethi, “Awu, mhlawumbe singadla kulobubusika.”

<sup>120</sup> Wezwa okuthile. Walunguza efasiteleni lenqolobane, nakhu kufika inkulungwane yamaFilisti, imasha, imasha, imasha, izingcwece ezinkulu zezikhali phezu kwabo, amadoda amakhulu, aqeqeshwe kahle, imikhonto ezandleni zawo, emasha eqonde ngqo ukuthatha lokho ayenakho.

<sup>121</sup> Wabheka phansi, izinganyana zakhe. Wabuka umkakhe. Wayeshisekele. Kodwa lokho okwakuyikho, wayengenakuzisiza. Akayena olwa ngezinkemba. Manje, akashongo, “Manje, awume umzuzu. Mhlawumbe kungcono ngiye esikoleni futhi ngifunde ukulwa kwababili izivumokholo.” Ukube wayekwenzile lokho, yilokho kuphela ayeyokwazi ngakho. Kodwa nansi into eyodwa ayeyazi: kwenzeka wacabanga, “Ngokuzalwa ngingumIsrayeli, futhi uNkulunkulu wathembisa u-Abrahama ubaba wami, ukuthi inzalo yakhe yayiyonqoba isango lesitha sakhe.” Amen. Lokho kwanele. Amen.

<sup>122</sup> Wayewushisekele umndeni wakhe; wayenelisekile ukuthi wayengumIsrayeli. Into yokuqala abeyiphethe esandleni, wayibamba. Kwakuyinduku yokuqondisa inkabi, induku, ucezwana lwethusi ekugcineni kwalo; wathintitha udaka egejeni, wafuqa isiqondiso, noma, i... waqondisa inkabi lapho ihamba.

<sup>123</sup> Futhi inkulungwane yamaFilisti ephethe izikhali, akakuboni abhekene nakho. Wayeshisekele, futhi wayenelisekile. Wayenelisekile, futhi azi ukuthi

wayengumIsrayeli. Wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu wayengenakuqamba amanga. Wayenelisekile ukuthi isibusiso sasiphezu kwakhe. Wayazi ukuthi kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu. Amen, mfowethu. Ngingazizwa nginokholo impela khona manje. Wayenelisekile ukuthi kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu, ngokufanayo nje neZenzo 2:38 ziyisithembiso sikaNkulunkulu.

<sup>124</sup> Wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu wathi inzalo yakhe, ayeyiyo, iyonqoba isango lesitha. Ngakho wabamba lesosiqondiso senkabi, wema wathi qekelele khona lapho, futhi wabashaya phansi bonke. Kungani? Wayeshisekele, futhi wayenelisekile. Kulungile. Akazange alinde, manje, ukufunda zonke izivumokholo, nayo yonke into, nokuthi balwa kanjani ababili, futhi “Ngifanele ngibe iqhawe.”

<sup>125</sup> Leyo yinkathazo namuhla. Abanelisekile ngemva kokukufunda. Thina—thina... Insizwa namuhla ifuna ukuya esikoleni. NamaPentecostal ethu, enzani na? Okokuqala, bafanele bamyise esikoleni cishe iminyaka eyishumi ukuthola iziqu zakhe zeBhashela yezobuNgcweti (Kunjalo.), ikolishi elithile lezenkolo. Futhi lapho ephuma, ufanele afunde yonke imikhosi, futhi lapho ephuma, akakaneliseki.

<sup>126</sup> Niyazi, uNkulunkulu ulungiselele abantu, abaneliseke kangcono, ezinsukwini eziyishumi kunokuba singabathola eminyakeni eyishumi. Lapho amakolishi ethu ezenkolo, ephuma, abakaneliseki namanje, ngoba baba nesiko elijovelwe kubo. Kodwa lapho belinda kuNkulunkulu izinsuku eziyishumi, base benelisekile impela ngalesosikhathi. Ngempela babanelisekile. Abanye babo ngePhentekoste babengakwazi ngisho nokubhala amagama abo uqobo. Kodwa babanelisekile ukuthi kwakunguNkulunkulu. Babazi ukuthi kwakunjalo. Babeyo—babeyoyifela into. Babazi ukuthi kwakunguNkulunkulu. Babanelisekile. Ya.

<sup>127</sup> Ngakho babanelisekile ngoMlayezo waKhe. Babanelisekile ngomsebenzi waKhe. Futhi enye into, babanelisekile: Babengadingekile ukuba baphume, futhi abanye bathi, “Manje, awume umzuzu. Waphuma kusiphi isikole sokufunda na? Manje, awume umzuzu. Uzophuma kanjani ngaphandle kwekhadi lenhlanganyelo na? Uzokwenzenjani?” Babanelisekile. Ngizokusho okuthile: Babanelisekile ukuthi Uyikho konke ababekudinga.

<sup>128</sup> Asikafiki kuleyondawo okwamanje. A-hha. Ya. Babanelisekile. Babengayingi imfundo. Babanelisekile ukuthi abalidingi ikhadi lenhlanganyelo. Babazi—babazi ukuthi babeyinzalo ka-Abrahama, ukuthi uNkulunkulu uyakwazi ukwenza lokho Athembise ukukwenza. Wayenelisekile ukuthi Wayeyikho konke ababekudinga. Babengalufuni uketshezi lwabo lokugqumisa lwehlelo. Base bevele bejoviwe. Hha, a-

hha. Futhi babenelisekile ukuthi kwakwanele ukubanakekela. Babenelisekile ukuthi yikho konke ababekudinga.

<sup>129</sup> Nansi enye into, njengoba umfowethu omncane eshilo kimi izolo. . . Ngamtshela, ngathi, “Mhlawumbe uhlelo lwami lolimi alulungile.”

Wathi, “Awu, ngiyakutshela. Abantu abaqapheli. Angicabangi ukuthi bayakunaka kakhulu.” Hhe.

<sup>130</sup> Labobazalwane abaphuma ePentekoste phezulu lapho, babenelisekile ukuthi Wayeyikho konke ababekudinga, futhi babenelisekile ukuthi yilokho kuphela abantu ababekudinga, kwakunguYe. Futhi ngenelisekile into efanayo. Anginelisekile. . . Abangitsheli nje ukuthi kufanele ngikhulume kangcono, futhi kufanele ngenze *lokhu*, futhi ngenze *lokho*, futhi ngibe ngcono. . . ume unganyakazi emva kwepulpiti ukwenza. . . Lokho yisayense ephathelene nengqondo.

<sup>131</sup> Wena uthi, “Awu, iklasi elingcono labantu liyathamela.” Iklasi likaNkulunkulu lizokuthamela. Usebenza kuzo zombili iziphetho zomugqa. Ngenelisekile ukuthi abantu abaludingi uchungechunge olukhulu, olude lwalokhu, *lokho*, noma *okunye*. Ngenelisekile, ngoba ngiyazi ukuthi kungenzeleni, ngenelisekile ukuthi kuzobenzela okufanayo. Yebo, mnumzane. Ngenelisekile ukuthi Uzohlangabezana nazo zonke izidingo zabo. Ngenelisekile ukuthi Uzohlangabezana nazo zonke izidingo zabanye.

<sup>132</sup> Bengifunda lapha kungekudala ngo-Hudson Taylor. Abaningi benu bafundile ngaye, isithunywa senkolo esikhulu eShayina. Kwakukhona insizwa eza kuye ngolunye usuku, cishe. . . umfana, cishe iminyaka eyishumi nane, eyishumi nanhlanu ubudala. Wathi, “Mnu. Taylor, ngikholwa ukuthi nginobizo empilweni yami lokuba ngumfundisi. Lapho ngiba neminyaka engamashumi amabili nanhlanu ubudala,” wathi, “uyazi ukuthini? Nguyeza, ngijoyine isikole sakho, futhi ngifuna ukufunda.”

UMnu. Taylor, umnumzane ohloniphekile ongumKristu, wathi, “Ndodana, ungalindi kuze kube yilapho ikhandlela selishe ingxenye. Hamba lapho lokheliwe.”

Kunjalo. Awudingi ukufundiswa kwalokhu kanye nokufundiswa kwalokho.

Wena uthi, “Awu, ikhandlela lokheliwe nje.”

Yebo, uma lokheliwe.

“Awu, angiyazi noma iyiphi isayense yezenkolo.”

Awudingi ukwazi. Hamba ubatshela ukuthi lokhelwa kanjani. Mhlawumbe lizobakhanyisela.

<sup>133</sup> Esikudingayo yisikhathi sokokhela ikhandlela, amandla kaMoya oNgcwele, esikhundleni salombhedesho owenziwe



ngumuntu omningi kangaka, ukuqeqeshwa kwesayense yezenkolo. Futhi ngenelisekile ukuthi yilokho abantu abakudingayo. Noma ngabe yena . . . uyabazi o-ABC bakhe noma qha, noma ngabe uyawazi ubhontshisi ekhofini elihlukanisiwe, uma nje ezovumela ukuthi ikhandlela lokhelwe, uNkulunkulu uzokunakekela konke okunye. Kunjalo. Ngenelisekile ukuthi yilokho kuphela akudingayo.

<sup>134</sup> Indoda eyimpumputhe uJesu ayiphulukisa, ayikwazanga ukuphikisa leyo sayense yezenkolo yompristi. Benyuka, bonke abapristi nxazonke, bathi, “Uyazi, nangu uDkt. *S’bani-bani*. Usonta ebandleni elithile.” Akakwazanga ukuphikisa isayense yabo yenkolo. Bathi, “Awu, siyazi ukuthi lo muntu uyisoni. Siyazi ukuthi uyiso. Akavumelani nokufundisa kwethu. Wenzani na? Ukhohlisa abantu bakithi. Uyabadukisa. Siyazi ukuthi uyisoni.” Mfowethu, akakwazanga ukuphikisana nesayense yezenkolo, kodwa wayenelisekile impela ukuthi wayengabona. Kunjalo.

<sup>135</sup> Ngicabanga ukuthi leyo yinto esemqoka namuhla. Angikwazi ukukutshela ukuthi bengifanele ngibe kuphi, nokuthi sikuphi . . . ufanele ube *yilokhu*, noma ube *yilokho*; kodwa siyaneliseka impela ukuthi kukhona esikutholile. Njengoba kwasho isalukazi sekhiladi, sathi—sathi, “Mfowethu, ngi—ngifuna ukunikeza ubufakazi.”

“Yebo, qhubeka, dade.”

<sup>136</sup> Sathi, “Uyazi ukuthini?” Sathi, “A—a—angisikho lokho ebengifanele ngibe yikho,” sathi, “futhi—futhi—futhi—futhi angisikho lokho engifuna ukuba yikho.” Kodwa sathi, “Into eyodwa engiyaziyo ngokuqinisekile, angisikho lokho engangivamise ukuba yikho.”

<sup>137</sup> Ngakho-ke ngicabanga ukuthi lokho kuthi akube kuhle. A—angisikho lokho engifuna ukuba yikho. Angisikho lokho engifanele ngibe yikho. Kodwa ngiyazi ukuthi angikhona lokho engangivame ukuba yikho, futhi. Kunjalo. Ngani? Okungenani ikhandlela lokheliwe. Amen.

<sup>138</sup> UDavide, ngani, wayengomncane kunabo bonke empini e—ebuthweni ngalolosuku, umfo omncane obomvana. Wayengongaqeqeshiwe kakhulu. Kodwa wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu ayemkhonza, ukuthi wayenesipiliyoni, ukuthi wayengabulala ibhubesi elimhlayelayo, wayengabulala ibhere elalizama ukumbulala. Futhi wayenelisekile ukuthi uma lowo mFilisti ongasokile echitha uNkulunkulu wakhe nebutho lakhe, “Uyakhwazi ukumnikele ezandleni zami.” Amen. O, he!

USawulu wathi, “Ima kancane, ndodana. Ngizokunikeza ukuqeqeshwa okuncane. Ngizokunikeza iziqu zeBhashela yezibuNgcweti emizuzwini embalwa. Zama ugqoke isihlangu sami.”

139 Kwavele kwasinda umfo omncane. Wathi, “Susa lento.” Wathola ukuthi iveri yakhe yobusonto ayishayanga i...nele indoda kaNkulunkulu. Wathi, “Ngiyeke ngihambe ngendlela engahamba ngayo ngaphambili.” Kunjalo.

140 O, uma lelibandla namuhla lizongena eLouisiana ngendlela elaqala ngayo eminyakeni engamashumi amahlanu edule, uzobulala wonke udeveli oza phambi kwakho. Yisithembiso sikaNkulunkulu. Ufanele, weneliseke ukuthi uKristu unani nonke. Ufanele uqiniseke, khona-ke uzoshisekela ngabanye.

141 USamsoni kwahlanganwa naye e...enkundleni namaFilisti ayinkulungwane. Wabheka. Wayengenalutho esandleni sakhe. Okuncanyanyana nje, imfanzi enezinzwele ezisongekile, cishe *kanjalo*, amagoda ayisikhombisa alenga emhlane wakhe. Futhi nakhu kufika inkulungwane yamaFilisti ibhuza imzungeza.

142 Wabheka. Wayengeyena owazi ukulwa kwababili. Wayengenayo iBhashela yezobuNgcweti, noma engenaPh.D., noma iLL.D. ukwazi ukunakekela isimo. Kodwa wezwa emuva lapha, wayesenaso isithembiso. Khona-ke wesenelisekile. Wayengaqeqeshiwe, wayenelisekile ukuthi uNkulunkulu wayenaye, ngoba wayenobufakazi bulenga bumzungezile.

143 O Nkulunkulu. Ngifisa sengathi ngingenza okuthile. Ngifisa sengathi ngingakwenza...benginakho kusebhakedeni, bengingakwazi ukukuthela entanyeni yawo wonke umuntu, futhi ngithi, “Kugcwalise. Nakhu. Kugcwalise.” Hhe? O, ya.

144 Enelisekile futhi khona-ke eshisekele ngabantu bakhe. UMose, umprofeti obalekayo, wayelahlekelwe yiwo wonke amathemba. “O, u-Israyeli akasoze akhululwa. Yilokho umama angitshela khona.” Kodwa wazama ukukwenza ngesingaye. Yilokho ibandla elizama ukukwenza, lizama ukwenza bonke okaMunye abe ngokaZiqu-zintathu, uZiqu-zintathu abe ngokaMunye, iChurch of God ibe uS’bani-bani, namaMethodisti abe yiBaptisti. Awusoze wakwenza. Wenzani na? Kungukuthi nje kuyi—kuyisayense ephathelene nengqondo, ukuguquka komqondo. Yini ekuso sonke isigejane, lapho obona khona uNkulunkulu kuyo yonke into?

145 Yileso isizathu. Yingalesosizathu nabo benganelisekile. Banelisekile ukuthi bayihlelo, kodwa abanelisekile ukuthi uNkulunkulu unabo, noma bebengeke benze ngendlela abebeyokwenza ngayo. Bathi bayakwenza, kodwa amazwi abo...izenzo zabo zikhuluma kakhulu kunamazwi. Niyabazi ngezithelo zabo, noma ukuvuma kwabo kuqinisele noma qha. Bethi bakholwa nguNkulunkulu, ukuthi UnguNkulunkulu omkhulu, UnguNkulunkulu ofanayo, futhi baphike iZwi laKhe. O, he! Bathi kwakungokolunye usuku. Wumbhedo.

146 UMose, wayedinga ukweneliseka. Wayengenaso isipiliyoni, nokho waye—wayeyindoda enkulu. Wayeyiqhawe. Wacabanga ukuthi ngalokho kuqeqeshwa ayenakho, wabulala umGibhithe,

wakhahlela inhlabathi phezu kwakhe, wathi, “Ngizokwenza.” Futhi isivivinyo esincane sokuqala siyafika, “Izinsuku zezimangaliso kufanele ukuthi sezadlula.” Futhi waphumela ehlane.

<sup>147</sup> Kodwa ngolunye usuku uNkulunkulu wambamba lowomprofethi obalekayo. Wabona isihlahla sivutha. Wathi, “Ngama ngasibuka isikhashana, asizange sishe siphele.” Wasondela eduze kwaso, wathi, “Isihlahla esiyinqaba leso. Ngiyazibuza ukuthi hlobo luni lwamakhemikhali olufafazwe kulawo mahlamvu, alokhu evutha nje.”

IPhimbo lathi, “Mose, khumula izicathulo zakho.”

“Yebo, Nkosi.” Nangu eza.

<sup>148</sup> Wathi, “Ulahlekelwe ukukhathalela ngani na? Ngikuzwile ukububula kwabantu baMi. Ubalekeleni kubo na? Kungani ushiye indawo yakho yomsebenzi na? Ngikuzwile ukububula kwabantu baMi. Ngiyalikhumbula iZwi laMi eNgethembisa u-Abrahama uyise wabo.”

<sup>149</sup> Sidinga omunye uMose. UMose wayenelisisekile. Wayeneliseke kakhulu kwaze kwaba ngukuthi ngakusasa wahlalisa umkakhe emnyuzini, nomncinyane enqulwini yakhe owesifazane, futhi nangu wehlela eGibhithe kungukuhlasela kwendoda eyodwa. Uyazi, lapho unelisekile kukwenza wenze ngokuhlekisayo ezweni. Kodwa lapho unelisekile, uyaneliseka. Uthi, “Uyaphi, Mose?”

“Ngehlela ukuyolidla.” Futhi wakwenza. Ngani na? Wayenelisisekile ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu.

<sup>150</sup> Yilokho okuyinkathazo ngathi maPentecostal. Lesisibusiso esinaso, siyazibuza ngesinye isikhathi. Lokho—lokho kunjalo, bakwethu. Angizami nje, ngikhuluma ngamazinyo ami manje. Kunjalo. Izenzo zethu ziyakufakazela lokho.

Misa uMose. Uthi, “Mose, linda—linda umzuzu nje. Ngikholwa ukuthi ubunephutha, mnumzane. Ngingudokotela wezobuNkulunkulu.”

“Suka endleleni yami.” Wayenelisisekile. Futhi lapho esenelisisekile, wabe eseshisekela ngokwenza lokho uNkulunkulu ayefuna kwenziwe.

<sup>151</sup> Futhi ngenelisisekile namuhla ukuthi ngizama ngakho konke okusemandleni ami ukwenza lokho engicabanga ukuthi uNkulunkulu ufuna kwenziwe, wukunquma lonyaka webandla laseLawodikeya. Ngema ngedwa noNkulunkulu, kodwa ngizamile ukuthwala umsebenzi wami. Angizange ngikuxubanise. Ngizamile ukutshela izinhlangothi zombili, futhi ngizame ukudonsa ngazo zonke izindlela, ngingajoyinani nanoma yimuphi wabo, ngoba ngenelisisekile, futhi ngiyashisekela. Ngikubona khona lapha eBhayibhelini. Ngeke

ngilokothe ukunifundela khona, kodwa ngi—ngiyakwazi. Nonke niyakwazi nina uqobo.

<sup>152</sup> Manje, qaphelani, ukweneliseka, bese-ke ushisekela. NoMose washisekela ngenkathi ezwa iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma kuye, futhi wayazi ukuthi kwakungokomBhalo. Ngenkathi indoda imi lapho ibuka lesisihlahla esivuthayo, futhi izwa iPhimbo elingaphezu kwemvelo liyibiza, futhi liyiyala ukuba ime khona lapha nomBhalo, wayenelisisekile.

<sup>153</sup> Futhi lapho sibona uNkulunkulu ethembisa noma yini, uyakubona kwenzeka kanje, wena uthi, “Awu, mhlawumbe kwakunjalo. Angazi manje. Mhlawumbe uZiqu-zintathu uqinisile. Mhlawumbe okaMunye, mhlawumbe iMethodisti iqinisile.” Awukaneliseki okwamanje. Kunjalo. Awunelisisekile. Ufanele uneliseke, khona-ke uyashisekela.

Ngosuku olulandelayo wayesendleleni yakhe esemnyakazweni, ehlela eGibhithe ukuze alidle.

<sup>154</sup> Abantwana bamaHebheru eBabiloni, ba—babenelisekile ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukubakhulula. Manje, lalélisisani ngempela. Babenelisekile ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukubakhulula, base bethatha isinyathelo sabo.

Manje niyabona ukuthi ngizama ukuthi nenzeni na?

<sup>155</sup> Babazi ukuthi Wayebenzele isithembiso sokuthi bangasikhothameli isithombe, ukuthi Waye “iNkosi uNkulunkulu wakho,” futhi babengenakukhothamela isithombe. Babenelisekile ukuthi lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu. Babenelisekile ukuthi Wayekwazi, njengo-Abrahama, ukugcina lokho Ayekuthembisile. Bese kuthi-ke uma babenelisekile eZwini likaNkulunkulu, uNkulunkulu wayeshisekele ngakho. Whewu!

<sup>156</sup> Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? Buyela eZwini. Thatha leso sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo enginitshela sona, ngobunye ubusuku. Uma unelisekile ukuthi lelo yiZwi likaNkulunkulu, uma unelisekile futhi wazi ukuthi Angakwenza futhi, Uyakwazi ukusilethela omunye uMgwaqo u-Azusa, uma unelisekile ukuthi kuqinisile ngeZwi laKhe, khona-ke uNkulunkulu ushisekela ngeZwi laKhe ukuba ligcwaliseke. Kodwa asikaneliseki. Kunjalo. Asinjalo. Uma besingakwenza, kuyoba khona okwenzekayo.

<sup>157</sup> Wena uthi... Nakhu—nakhu—nakhu okuhlosile. Unesibhamu sakho, kodwa ingcipho eshaya inhlamvu iphansi. Donsa, dons, dons; kodwa ingcipho eshaya inhlamvu iphansi. Neliseka, buyisela ingcipho eshaya inhlamvu emuva, bese uyithinta. Kukhona okwenzekayo. Kukhona ukuwa komlilo. Niyabo, asikaneliseki.

<sup>158</sup> Kwathi sebenelisekile ukuthi Wayekwazi ukuma eZwini laKhe, futhi Waphila, futhi Wayezoqinisekisa iZwi laKhe,

khona-ke bashisekela. Kuyafana namanje, lapho uma sineliseka ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe, uma sineliseka ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, uNkulunkulu ushisekele ukwenza iZwi laKhe kithi uma sishisekele ngalo.

<sup>159</sup> UMarta wayenelisekile ngenkathi egijima ephumela lapho, wayesethi, “Nkosi, ukube Ubulapha umnewethu nga engafanga.” Bhekani. Emva kokuba Emalile, wayenjengowesifazane omncane ongumGrecki: ephikelela. Asiphikelele ngokwanele, ngoba asinelisekile ngokwanele.

Ngiyabonga ngokubekezela kwenu, kodwa ake nilinde isikhathi esidanyana nje, ngize ngiqede.

<sup>160</sup> Wayenelisekile. Akunandaba ukuthi Wenzeni, nokuthi noma ubani omunye wathini ngaYe, wayenelisekile ukuthi umBhalo wawuMkhombe ngokufanelekile ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi uma WayeyiNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu esebenza ngabantu . . .

<sup>161</sup> Uma lowo wesifazane emuva eBhayibhelini, umShunemi, wayekwazi ukwamukela ingane yakhe ngoba uNkulunkulu waye . . . wakhomba ngokuphelele lowomuntu ukuthi ungumprofethi, u-Eliza, futhi uma Wayekumprofethi waKhe, kuthiwani ngeNdodana yaKhe na? NeNdodana yaKhe yayinguNkulunkulu-mProfethi. Ngakho khona-ke weneliseka ukuthi lokho kwakulungile. Mhlawumbe ngenkathi enza amabhisikidi futhi ethosa amaqanda, wayecabanga ngalokho ngesikhathi udadewabo ezama ukumkhuza.

<sup>162</sup> Qaphelani. Manje, cabangani ngakho. Waphuma egijima, wathi, “Nkosi, ukube Ubukhona, nga umnewethu engafanga. Kodwa ngenelisekile, ngenelisekile ngisho namanje, uma Ucela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika lokho okucelayo.”

<sup>163</sup> O, mfowethu, ukuba besingemukela lowoMoya oNgcwele ophakathi kwethu khona manje ngaleyondlela, ukuneliseka, ukuneliseka. Ngani na? WayeMbonile ezikhomba Yena uqobo (owesifazane wendodana kaNayini), futhi wazi ukuthi kwakunjalo. Wakukholwa, nokho Wayengumuntu. Nokho, wakukholwa.

<sup>164</sup> KwakungeYena kangako; kwakunguNkulunkulu. WayenguNkulunkulu-muntu. Wayazi ukuthi Wayefaneleka emiBhalweni. WayenguMesiya. UNkulunkulu wayekufakazisile futhi wakuqinisekisa ngeZwi laKhe. Futhi njengoba—njengoba Washo, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa. AkuMina. NguBaba waMi ohlala kiMi. Wenza umsebenzi. Angenzi lutho ngize ngiMbone ekwenza kuqala.” Niyabo?

<sup>165</sup> Wayenelisekile, futhi wathi, “Nkosi, nakuba efile, nakuba engcwatshiwe, nakuba enuka, kodwa ngisho nakalokhu, uma Ucela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona.”

<sup>166</sup> WaZiphakamisa, futhi wamnika iqiniso elalingakaze likhulunywe ngaYe ngaphambili: “NgingukuPhila kokuVuka.” Niyabo, wayeseshaye iphuzu ngaleyonkathi. Wayengaqhubekela phezulu naye. Futhi lapho ibandla lifinyelela ephuzwini, nizoqhubekela phezulu.

<sup>167</sup> Njengoba ngishilo ngabesifazane... Indoda yangitshela, yathi, “Bayeke labo besifazane mayelana nezinwele zabo nezinto ezinjalo, nalamadoda ngamahlelo abo, kanjalonjalo.” Futhi yathi, “Kungani unga—kungani ungabafundisi ukwamukela iziphiwo na? Abantu bakholwa ukuthi ungumprofethi.”

Ngathi, “Angizisho ukuthi ngiyilokho.”

<sup>168</sup> Yathi, “Kodwa abantu bacabanga ukuthi unjalo.” Yathi, “Bayakukholwa.” Yathi, “Ngiyakukholwa, mina uqobo.” Yathi, “Kungani ungabafundisi indlela yokuthola izinto ezingasiza uNkulunkulu?”

Ngathi, “Linda baze bafunde o-abc babo; sizobe-ke sesibafundisa ongwaqa.” Kunjalo.

Futhi lapho uzokwamukela! Martha, “Ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu eyayizakuza emhlabeni.”

<sup>169</sup> Wathi, “NgingukuVuka nokuPhila.” O, ubengakwazi... Wathola isambulo-ke. “Okholwa yiMi noma efile, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa naphakade. Uyakukholwa lokhu na?”

Wathi, “Ya, Nkosi.” O, he!

“Nimngcwabe kuphi na?” Wayenelisekile ukuthi Wayekwazi ukukwenza.

<sup>170</sup> UJayiru wayenelisekile ukuthi uma uJesu ebeka izandla zaKhe endodakazini yakhe egulayo iyophila, kungakhathalekile ukuthi ibandla lakhe lathini ngakho. “Intombazane yami encane manje isisesikhathini sokufa. Woza kuphela, ubeke izandla zaKho phezu kwayo. Ngenelisekile.” Wayethi ukuba yikhulwa langasese. “Beka izandla zaKho phezu kwayo, futhi izophila.”

Kwase-ke kufika umyalezo, “Isifile.” Inhliziyo yakhe yaqala ukugxumagxuma.

<sup>171</sup> UJesu wayesendleleni yaKhe, wathi, “Angikutshelanga yini, uma nje ungakholwa, uyobona inkazimulo kaNkulunkulu na?” Wayenelisekile. “Masiqhubeke sihamba,” sinelisekile.

<sup>172</sup> Isosha elingumRoma, ngokuba u—umRoma, laqonda ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu. “Ngenelisekile ngokuthi Unamandla phezu kwawo wonke udeveli. Ngenelisekile ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu. Angifanelwe ukuba Wena ungene ngaphansi kophahla lwami. Kodwa ukuba nje bengingaKuzwa kuphela ukhuluma iZwi ngenelisekile ukuthi inceku yami iyophila.” Amen.

173 UNkulunkulu abe nomusa. Uma umhedeni wayengakulindela lokho, futhi anelisiseke ngalokho ayekubonile ubuMesiya bukaJesu kufakazela, futhi yena engumhedeni ongumRoma, kuthiwani ngebandla, ibandla lePentecostal eselineminyaka engamashumi amahlanu lisebenza kodwa nokho lingakanelisekile na? Iminyaka engamashumi amahlanu eLouisiana, ukuthululwa ngemva kokuthululwa, futhi nokho . . .

174 Lelo sosha elingumRoma, umhedeni, lathi, “Khuluma iZwi nje. Yilokho kuphela engifuna ukukwazi, yilokho iZwi elikushoyo.” Ngikunika isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo. Yilokho iZwi elakusho. Ingabe unelisekile na? UmRoma wayeshisekele ngendodana yakhe, futhi wayenelisekile uma engathola uJesu ukuba asho iZwi, futhi kungaba yiZwi likaNkulunkulu, elikwenzile. Kunjalo. Wayenelisekile.

175 Owesifazane onomopho, nakuba kwakungekho muntu owayengakaze akwenze, kodwa wayenelisisekile ukuthi uma ethinta umphetho wengubo yaKhe, uzosinda. Kwadingeka ashiye ikhaya lakhe, ebuthakathaka. Ngingakufanekisa kanjani isikhashana, ngehle ngidlule uBrigham Young, nabo bonke abanye, ngehle njalo ngedlule kulababantu, “izinsuku zezimangaliso selwedlula.” Wayegibela phakathi kwemilenze yabo, futhi aputshe kubo, umzimba wakhe ompofu, omncane, obuthakathaka. Futhi wayenelisisekile. “Uma ngingakwazi kuphela . . . Awudingi ngisho nokukhuluma nami. Uma ngandlela thize ngingathola ukuthinta kuYe, umopho uzongqamuka.” Wayenelisekile.

176 Owesifazane emthonjeni waneliseka ukuthi WayenguMesiya lapho ebona lesosibonakaliso esingokomBhalo. Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi.” Manje, siyavala. “Ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi.”

Wayazi . . . Wantshela, wathi, “Hamba, ulande indoda yakho.”

Wathi, “Anginayo.”

Wathi, “Ubunayisihlanu.”

177 Wathi, “Mnumzane, ngiyazi, ngenelisisekile ukuthi Ungumprofethi. Kodwa siyafundiswa . . . Asikaze sibe nabaprofethi amakhulu eminyaka, futhi ngiyazi ukuthi Ungumprofethi. Manje, ngizothola okuthile. Siyazi ukuthi, ngokubona kwethu emBhalweni, olandelayo ozayo nguMesiya. Futhi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto. Manje, uma Ungumprofethi, Uzongitshela iqiniso, ngoba iZwi leNkosi liza kumprofethi. Futhi ngiyaKubona wenza isibonakaliso. Yisibonakaliso esixakile. UMesiya uzokwenza lesosibonakaliso.”

Wathi, “NginguYe.”

178 Wayenelisekile. Akabange esaMbuza futhi. Bhekani. Masinyane wabeka imbiza yamanzi phansi, futhi wayeshisekele ukuthi ukhona omunye owakwazi. Amen. Wayenelisekile. Ini? Wabona isibonakaliso esingokomBhalo. Futhi wayizwa leyoNdoda Eyazi ukuthi ingumprofethi, neZwi likumprofethi, futhi wayazi ukuthi kwakuyiqiniso, ukuthi Wayengeke amtshela amanga. Futhi yena...wayenelisekile ukuthi Wayengumprofethi, futhi wasibona isibonakaliso sobuMesiya. Futhi ngenkathi Emtshela ukuthi WayenguMesiya, lokho kwakwanele. Wayenelisekile, futhi wayeshisekele ngabantu bakubo. Ugijima emgwaqeni ethi, “Wozani, nibone uMuntu. UMuntu ongitshela ebengikwenza. Akuyena yini uMesiya lowo?” Wayenelisekile. Impela.

179 UPetru wayenelisekile, ehlezi kulesosigaxa ngenkathi ekhuphuka no-Andreya, noJesu wathi kuye, “Simoni, uyihlo, uJonase.” Wayenelisekile. Lokho kwakungakaze kwenziwe kusukela kumprofethi wokugcina. Wayenelisekile ukuthi Lowo kwakunguYe.

180 UFiliphu wema wabuka lokho. “He, okuxakile.” Wayenelisekile. Lapho esenelisekile, washisekela. Wayenomfowabo laphaya ogama lakhe linguNathanayeli. Babefundisise imiBhalo ndawonye. Wayeshisekele ngoNathanayeli azi okuthile ngakho.

Sibheke namuhla. Ngoba akuhlelekile, noma akuhlanganisiwe, noma kuphucuzwe ngendlela esikufunayo ngayo, asikaneliseki.

Ukuqinisekisisa yiZwi likaNkulunkulu.

181 UFiliphu, naye eyilungu lebandla, kepha wayenelisekile, wase-ke eshisekela ngomfowabo, ngakho wagijima wamtshela, “Woza, ubone ukuthi nguBani esimtholile: uMesiya.” Futhi uqala ukukhuluma noFiliphu ehambisana, noma, kwakunguNathanayeli, endleleni, noNathanayeli wayefuna ukuzibonela ngesingaye. Ngakho weza emhlanganweni. Futhi lapho esefike emhlanganweni futhi ekubona kwenziwa, waneliseka. Kodwa asinjalo. Qha, qha.

182 Umnyakazo wePentecostal wanamuhla awukaneliseki. Qha. Uma bebengakwenza, bebeyoshisekela. Ubuyele esigabeni sobuFarisi: uhlelekile, unganelisekile. Uma unelisekile, uzoshisekela. Labo baFarisi, babekwazi ukubona futhi bazi ukuthi lokho kwakuyiqiniso, kodwa babenganelisisekile ngoba othisha babo babafundisa baqhela kukho. Futhi yileyo indaba namhlanje, ngukuthi, abaFarisi abaningi kakhulu, abafundisi, inhlangano izama ukuxosha abantu, ngoba ayihleliwe. Kunjalo impela. Kodwa labo abanenhliziyoy eyodwa bayakubona.

183 Ngifuna ukukubuza okuthize. Ngizojovela umcabango omncane lapha futhi nizocabanga ukuthi iBaptisti, kodwa akusiyoyi, yiBhayibheli. Buka. Kwakukhona lezozifundiswa



eziqeqeshwe kahle, zabuka kulesosibonakaliso Asenzile, futhi zaMbiza ngodeveli. Kodwa nasi isifebe, kodwa *kuso*, kwakulele leyombewu kaNkulunkulu eyamiselwa ngaphambili. Wayengakaze ayibone into enjengakho. Futhi kwathi nje lokho kuKhanya kungashaya imbewu, ukuPhila kwahluma. Kungani? YayinokuPhila kuyo kwasekuqaleni.

<sup>184</sup> Ikwindla yonyaka, imbewu iyafa futhi ibuyekele othulini. Kodwa ake lelolanga livele liyishaye. Uma imbewana yokuphila ilapho, izoqhakaza iphile. Lona wesifazane esimeni sakhe esabekayo wa...wamiselwa ngaphambili. Igama lakhe lafakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi lapho esebone lokho kuKhanya kukaNkulunkulu kuqhakaza, akukho okwakungambamba, kwaqhakaza kwaba ukuPhila.

Lapho abapristi abafundile, bathi, “Awu, bona—bona—lowo ufata ongcwele *s'bani-bani*.”

Angikhathali ukuthi kwakuyini. UJesu wathi, “Nina ningabakayihlo udeveli nemisebenzi yakhe niyayenza.”

Lesosifebe sathi, “Ufanele ube nguMesiya.”

Futhi ngenkathi Esitshela ukuthi Wayenguye, seneliseka. Ini? Leyombewu eyamiselwa ngaphambili, ngenkathi ukukhanya kuqala kukhanya, wakuqonda.

<sup>185</sup> Futhi namuhla, lapho siya (uxolo ngalesisisho), futhi ngiyawubona lowomsebenzi kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele wehla futhi uqala ukubonakalisa okuthize, inzalo eyamiselwa ngaphambili ihlezi lapho, iyakubamba. Ubungeke ukusonte kuye nganoma yini.

Bonke abanye bayohamba bayothi, “Ngiyazibuza ukuthi hlobo luni lweqhinga? Kufanele kube uhlobo oluthile lwenkohliso kukho ndawo ndawo.”

Kodwa leyombewu emiselwe ngaphambili ayibuza imibuzo. Inelisekile ukuthi nguNkulunkulu ohamba ngokwesithembiso saKhe eBhayibhelini.

<sup>186</sup> Kude kancane emgwaqeni, ngempela, kunoMgwaqo u-Azusa, sifanele sibe njalo. Ibandla lifanele libe phezulu *lapha*. Nakhu kwaqala ngokukhala izinyembezi, nokukhala, nokungena kuNkulunkulu. Futhi kuwile le kude, futhi nansi into ethize phezulu *lapha* ibandla elifanele libe phezulu ukuhlangabezana nayo. Niyabo? Kodwa nokho a—abakaneliseki nokho. Niyabo? Yingalesosizathu kungashisekelwa. Kunjalo.

UNathanayeli lapho ekubona, waneliseka.

Ngiyavala njengamanje. Nginokuningana okunye lapha engikufunayo, ukukhuluma ngakho, kodwa ngizokhuluma ngawe nami imizuzu embalwa.

<sup>187</sup> Kuthiwani ngathi na? Lapha sigubha unyaka wamashumi amahlanu wePhentekoste eLouisiana. Futhi empeleni, izibonakaliso ezingakaze zenzeke ekuqaleni zinkulu kunazo... zinkulu ngokwedlulele manje. Lokho kwakungukulinywa komhlabathi engalinyiwe, kulungiselelwa ukuba iqiniso langempela lihlwanyelwe kuwo. Futhi lapho kufika umuntu ehlwanyela izimbewu, nakuhlela futhi niyiminzisa into. Ukulingisa kwenyama kuvela ukuze kulingise.

<sup>188</sup> Anazi yini ukuthi lowo ngumsebenzi kadaveli ukuzama ukuphuphuthekisa amehlo enu na? Anazi yini ukuthi kwakukhona oJesu bamanga abavuka ngaphambi kokuba uKristu wangempela afike na? Kuphela kungukususa. Ngudeveli ezama ukususa into. Leyo yinto efanayo obekuyiyo namhlanje, kuzama ukukudonsela kude. Amadoda anesimo esingalungile, nezivumokholo, nezinto, ezama ukulingisa, angakwenza kanjani na? IBhayibheli lathi bayokwenza, njengoba uJambre noJane bamelana noMose. Kodwa wathi, “Ubuwula babo buyobonakala.”

<sup>189</sup> UMose wayenento eyodwa ukuba ayenze: ukuma ngokweqiniso ekuyalweni kwakhe. Futhi ekugcineni kwafika isikhathi lapho baphonsa phansi izinduku zabo futhi bazama ukwenza into efanayo. Khona-ke induku kaMose yazigwinya. A-hha. Nake nacabanga ukuthi lezozinduku zashonaphi na? E-hhe. Hha. Kulungile.

<sup>190</sup> Ukweneliseka: lapho sinelisekile, khona-ke sizoshisekela. Kodwa sizofika, futhi umhlangano uzoqhubeka, noKristu uzokwehla, futhi afakazelwe yiZwi, futhi enze into efanayo Ayenza; kukhombisa ukuthi wusuku lapho ibandla lifanele linqunywe libe yizicucu ngoba linoKristu ngaphandle, laMhlela lamkhapha phakathi kwabo kanjalo, liMsusa kubo kanjalo, ame ngaphandle, usangqongqoza.

<sup>191</sup> Manje, kwakubukeka sengathi ukube Wayephumile, Wayeyovele ahambe. Kodwa qha, Usamile, engqongqotha, njengoba Wayenjalo ezinsukwini zikaNowa, ukubekezela, engathandi ukuba kubhubhe namunye, kodwa ukuba bonke beze ekuphendukeni: emi, engqongqotha, lalalani uma Engakwazi ukuzwa, ningakwamukela na? Qha, Akazange akuthole.

<sup>192</sup> Khona Wathi, “Ngizokuhlansa uphume emlonyeni waMi.” Kulungile. Futhi nibona ukunqunywa kweZwi noMoya. Niyawubona uMoya oNgcwele wehla futhi wenze izinto ezingakaze zaziwa kusukela ezinsukwini zeNkosi uJesu Kristu nabafundi baKhe. Futhi sizohlala, futhi sikubheke futhi sihambe. Ingabe sinelisekile ngempela, noma yizinkwa nezinhlanzi na?

<sup>193</sup> UJesu wabapha ukudla. Ubani ongadala isinkwa, ngaphandle kukaNkulunkulu na? UNkulunkulu ofanayo owakhapha isinkwa ezibhakabhakeni, futhi wasinisa phezu

kwalapho, nanka amaHeberu ayemi lapho, aMbhekisisa ehlephula lesosinkwa futhi wabanikeza kanjalo, andisa izinkwa. Yena lowo mbhaki owazibhaka eZulwini wayezibhaka khona lapha emhlabeni, futhi ebanika zona. Kunjalo. Futhi bathi, “Kuhle kakhulu lokho. O, ngigwele isisu manje, Nkosi. O, bekungumhlango omkhulu lowo.”

<sup>194</sup> UJesu wathi, “Kodwa yimani kancane. Kukhona engizonitshela khona: Ngaphandle kokuthi uhlamvu lukakolo luwele emhlabathini...” Zonke lezizintshumayelo, Uqala ukushumayela, futhi azibuyisele eZwini.

Uthi, “Awu, lokho—lokho kunzima kakhulu ukukuqonda. Asifuni okunye kwalokho.” Baqala, bamuka.

Futhi abanye abefundisi baKhe basesontweni bathi, “Manje, ubani ebesingake simthole ukuba akholwe into enjengaleyo na? Sizohamba nathi.”

Wavele wama wababuka.

Lelo shumi nambili, iqembu elincane elithembekile, njengenkukhu imi ngakunina, Waphenduka, wathi, “Nani nifuna ukuhamba na?”

UPetru wathi, “Singayaphi, Nkosi?” Niyabo?

<sup>195</sup> Akazange Abatshele, ukuthi, “Nganazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe”? Lokho ngukuKhanya okwakhanya phezu kwaleyombewu. Ayikho indlela yokukususa. NgukuPhila okuPhakade. “Ngizomnika ukuPhila okuPhakade futhi ngizomvusa ngosuku lokugcina. Bonke Abazi ngaphambili Ubabizile; bonke Ababizileyo Ubalungisisile; bonke Abalungisisile Ubakhazimulisile kakade. Akakho ongeza kiMi uma uBaba waMi engambizi, nakho konke uBaba aNgiphe khona kuzoza kiMi.”

“Ushumayelela ini-ke, Mfowethu Branham na?”

<sup>196</sup> Angazi ukuthi bangobani; Uyazi. Umsebenzi wami ukuhlwaneyela iziMbewu. Angazi ukuthi Ziwela kuphi, kodwa ngiyaYihlwaneyela nje. UNkulunkulu eqinisa. Nomaphi lapho Ishaya khona, futhi ishaya *kanjalo*, ngokushesha IyaPhila uma Isenhlathini enhle. Uma Iphezu kwedwala, angikwazi ukukusiza. Esinye isisekelo sehlelo, angikwazi ukukusiza. Into kuphela, ngizoqhubeka ngihlwaneyela iziMbewu. Ngiyazi Uyeza. Ngiyakukholwa. Ngifuna ukuphilela lokho. Ngenelisekile ukuthi Uyeza. Ngenelisekile ukuthi Uyeza maduze. Nginelisekile.

<sup>197</sup> Elinye igama, ngiyacela. UJesu wayenelisekile ukuthi Wayezovuka ngosuku lwesithathu. Mbhekeni. UmBhalo owodwa kuphela eBhayibhelini ukukusekela, futhi lowo kwakungowesilisa owagcina ehlubukile. Kodwa uDavide ngoMoya...

Ngelinye ilanga Wathi, “Nicabangani ngoKristu na? UyiNdodana kabani na?”

Futhi bathi, “Uyindodana kaDavide.”

<sup>198</sup> Wathi, “Khona-ke kungani—kungani uDavide...” manje, susa ingxenye yenyama, “. . .kungani uDavide, kuMoya, waMbiza ngokuthi Nkosi, ethi, ‘INKOSI yathi eNkosini yami, wena hlala ngakwesokunene sami na?’”

Esambulweni Wathi, “NgiyiMpande neNzalo kaDavide. Ngangiphambi kwakhe; Nginguye; futhi Ngi—Ngikhona manje.”

<sup>199</sup> Kusukela lapho abambuzanga lutho. Lokho kwakungukusonta okukhulu kakhulu. Babengakuqondi lokho. Ukuqeqeshwa kwabo kwezenkolo akuzange kuba lethe kulokho. Kanjalo ngeke namanje. A-hha. Bakuzame isikhathi eside futhi abakwazi ukukuchaza okwamanje. Kwembulwa kuphela kulabo okuzokwembulwa kubo.

<sup>200</sup> UJesu wayenelisekile. Wathi. . . waphuma phambi kwabo, wathi, “Dilizani lelithempeli, Ngizolivusa ngezinsuku ezintathu. Dilizani, yenzani noma yini eniyifunayo ngalo. Ngizolivusa futhi ezinsukwini ezintathu.” Whewu! Ngani na? Wayenelisekile. Wayazi ukuthi WayenguBani. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayethembise ini.

<sup>201</sup> O, uma, njengokuthi, ukube besingafunda igama lethu kukho: “Ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe thina; ngesithembiso saKhe ngisindisiwe; ngeGazi laKhe ngiyingxenye yaKhe; ngesithembiso saKhe ngiyakuvuka futhi ezinsukwini zokucina.” Mm?

<sup>202</sup> Wayazi ukuthi Wafundwa ngqo emBhalweni. Wayesazi isikhundla saKhe. Akukho-muntu owadingeka aMtshele noma yini ngakho, nakuba E—Engahambanga waziqhayisa ngakho. Lokho kwabonisa—lokho kwabonisa lokho Ayeyikho.

<sup>203</sup> UJohane akazange ahambe eziqhayisa ngalokho ayeyikho, isifuba sakhe siqhunsuliwe, “NginguDkt. *S'bani-bani, nginokuthi-nokuthi.*” Qha, qha. UJohane wavele waphuma njengomuntu ojwayelekile. Kanjalo noJesu. Imisebenzi yabo yafakaza lokho ababeyikho. Kunjalo. Imisebenzi yabo yakwenza lokho. Ngakho Akazange akwenze lokho. Wavele wazungeza, wathi. . .

Bathi, “Besifanele simlengise. Besifanele simkhiphe phakathi kwethu.”

Wathi, “Dilizani leli thempeli, futhi ngizolivusa futhi, usuku lwesithathu.” E-hhe.

Ngani, Wayazi uDavide wathi, “Angiyikushiya umphefumulo waKhe esihogweni; futhi ngeke ngivumele oNgcwele waMi, abone ukubola.”

204 Futhi nina bantu ningakholwa kanjani, noma noma ubani akholwe...? Lingakholwa kanjani ibandla eliKatolika...? Abaningi bethu, ukuzalwa okumsulwa, siyakukholwa lokho, kodwa uma sekufika ekutheni...Siyazi ukuthi ingqamuzana leGazi livela kuNkulunkulu. Siyazi ukuthi uNkulunkulu wadala lelongqamuzana leGazi elaletsha ukuzala kwentombi. Hhayi kuphela ingqamuzana leGazi kodwa Wadala iqanda lowesifazane futhi, ngoba akukho nyama engcwele. Ukube lokho bekuyoba iqanda elivela kuMariya, khona-ke kwakuzodingeka abe nohlobo oluthile lo—lomuzwa wokuthi wehlise iqanda. Kodwa wayengazi lutho ngakho. UMoya oNgcwele nje owamsibekela. Uma ukwenzile, uyabona ukuthi uNkulunkulu umenziseni kowesifazane na?

Udumo. WayenguNkulunkulu. “Angiyikuvuma oNgcwele waMi, umzimba waKhe...” Ungaba ngcwele kanjani ngesifiso socansi na? Ya, uma kunjalo, sonke singcwele.

205 Abekho abantu abangcwele. Ayikho intaba engcwele, alikho ibandla elingcwele. NguMoya oNgcwele, uNkulunkulu ongcwele eBandleni, entabeni. Hhayi abantu abangcwele; uNkulunkulu ongcwele ebantwini. Leyonyama yayingekaNkulunkulu, uNkulunkulu uMdali.

206 UJesu wayeshisekele. Wayekwazi, futhi weneliseka ukuthi Wayezovuka ngosuku lokugcina, ngokwesithembiso somBhalo. Ngiyavala ngokusho lokhu, sekulayithi kakhulu, ake ngisho lento eyodwa bese ngiyayeka: Ngenelisekile ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngenelisekile ukuthi Lokhu esikhuluma ngakho nesikubonayo phakathi lapha nguMoya oNgcwele. Ngenelisekile.

207 Indoda yathi ngolunye usuku, yathi, noma, intombazane encane kwakuyiyo, engangikhuluma nayo, yasho...ngathi... Yayivame ukuphuma lapho, egqoke njengayo yonke into, futhi ngangikhuluma naye. Yayinabantu ababeya kwelinye ibandla, ababefanele babe ngamaKristu. Ngathi, “Awunamahloni ngawe na?”

208 Yena uthi, “Awu,” wathi, “Mnu. Branham...” Ehla funa ushingamu *kanjalo*, futhi kubukeka sengathi kukhona okuphuma e-Afrika. Kwakungahle kube intombazanyana enhle, ukube yayigqokise okwesidalwa esingumuntu. Futhi yema lapho, yathi, “Mnu. Branham, kusobala, lapho, niyabo, uyindoda emaphakathi nendima yempilo. Impela. Ubungeke ukholwe, kodwa siyizinganyana.”

209 Ngathi, “Bheka lapha. Lapho ngangingemdala njengawe, ngangisanelisekile ukuthi Lokhu yikho. Ngichithe impilo yami yonke kuKho. Ngifisa nje ukuba benginezimpilo eziyisigidi engingazichitha kuKho.”

210 Ngenelisekile ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ngenelisekile ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

Ngenelisisekile ukuthi leyoNgelosi eyehla engakhuluma ngayo kini, ngaphambi kokuba Ike ifike, Yakuqinisekisa, futhi yathi kwakuyiqiniso, futhi ikufakazisile ukuthi kuyiqiniso.

<sup>211</sup> Ngenelisisekile ukuthi lelothunzi lokufa ebengilokhu ngitshela abantu, futhi ngibone lokho laphaya, amakhamera esayensi nezinto zifakazisile lezizinto. Ngenelisisekile ukuthi uMlayezo wami uvela kuNkulunkulu. Ngenelisisekile ukuthi akuwona umqondo wami wenyama ozikhukhumezile. YiZwi likaNkulunkulu.

<sup>212</sup> Ngenelisisekile, ngenelisisekile impela, ukuthi nguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Ngenelisisekile ukuthi Ulapho khona manje. Ngenelisisekile ukuthi Ukanise lapha. Ngenelisisekile ukuthi uzowuphendula umkhuleko wethu, uma sizoshisekela, sineliseke, futhi sivule izimpilo zethu kuYe. Asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>213</sup> Nkosi, ingqungquthela isithi ayilungele ukuvala nje. SiKubonile uhamba, Nkosi. O, siKubone ngaso sonke isikhathi. SiKubonile yonke le minyaka. SiKubona unamandla kakhulu, ibandla liya liba buthakathaka. Nkosi, thatha lawa mazwi ambalwa, Uzokwenza yini, Nkosi? A—Angeke ngisenza lutho olunye ngakho, Baba.

<sup>214</sup> Kodwa, o, ngiqinisekile, Nkosi, uma babenelisisekile, uma wonke umuntu wayenelisisekile, bekungeke kube khona ukuthula ndawo. Njengomfowethu omdala oligugu. . . Ngenkathi Uqala ukuthulula uMoya waKho esimweni sombhaphathizo ngaphambi kokuba lezi zikhundla ezinkulu zijovelwe. . . Ngoba sekuyisikhathi manje. Isitha siza njengozamcolo. Uphakamisa ibhanela ngokumelene naso.

<sup>215</sup> Nkosi, ngiyabakhulekela. Lawa mazwi ambalwa kulokhu ukusa mawawe phezu kwezinhliziyi zabantu. Mawangaweli emihlabathini enamatshe. Kwangathi angawela phezu kwemihlabathi evundile, nokuKhanya kokuPhila okuPhakade kukhanye phezu kwaleyoNzalo eyamiselwa ngaphambili. Ngiqinisekile Kuzokwenza, Nkosi. Wethembisa, futhi wathi senze lokhu, futhi Uzokunakekela konke okunye kwakho. Futhi ngiqinisekile Kuzokwenza.

<sup>216</sup> Ngakho ngikunikela kuWe, nikela lezizethameli kuWe. Ngizibeka phakathi kwabo njengoMose enza kubantu bakhe. Nkosi, ngingomunye walababantu. Nkulunkulu, ngizame konke okusemandleni ami ukuba qotho. Uyangifakazela. Ngikhulume iqiniso, futhi Wena ungufakazi wami ngokukufakazisa. Ngikhulume iqiniso.

<sup>217</sup> Ngiyabathanda lababantu, Nkosi, lababantu bePentecostal. Abaningi bayafulathela, Nkosi. Ukwehluka kwamahlelo kuyabasusa. Ngiyayithanda leMethodisti, iBaptisti, noma ngabe bayini. Ngiyabathanda, Nkosi. Ngingomunye wabo. Ngiyacela, Nkosi, ngikhulekela wonke umphefumulo. O Nkulunkulu,

ukuKhanya makwehle kulokhu ukusa phezu kwabantu, futhi bangahle baKubone.

<sup>218</sup> Kwangathi le teyipu, njengoba ihamba esizweni sonke, emhlabeni jikelele, sengathi ingathola indawo yayo yokuhlala. Iqondise, Nkosi, khona lapho lezoziMbewu zilele khona. Angazi ukuthi zikuphi. Kodwa lapho leliQiniso leVangeli, liqinisekiswa nguNkulunkulu, liwela phezu kwaYo, ngingeqiniso lokuthi IzoPhila.

BangabaKho, Baba. Ngiyazinikela kanye nabo kuWe ngomsebenzi weVangeli ezinsukwini zokugcina. NgeGama likaJesu. Amen.

. . . indlela, Nkosi!  
Yiba nendlela YaKho!  
Wena unguMbumbi;  
Mina ngilubumba.  
Ngibumbe ungenze  
Ngokwentando yaKho,  
Ngisalindile,  
Ngazinikela ngathula.

Asikhothamise amakhanda ethu futhi sicabange ngalokho.

Yiba neyaKho. . .

Ingabe unelisekile na? O, he. UMoya oNgcwele uhamba njengokuKhanya. . .

. . . uMbumbi;  
Ngilubumba lwaKho.  
Ngibumbe ungenze  
Ngokwe. . . (Hhayi intando yami, Nkosi,  
Eyakho.)  
Ngisalindile,  
Ngazinikela ngathula.



*UKWENELISEKA BESE UYASHISEKELA* ZUL62-1125M  
(Convinced And Then Concerned)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngoNovemba 25, 1962, eLife Tabernacle eShreveport, eLouisiana U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)



## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)